

# *AMANDLA OKUGUQULWA ISIMO*



Kholwa kuphela, kholwa kuphela,  
Konke kuyenzeka, kholwa kuphela;  
Kholwa kuphela, kholwa kuphela,  
Konke kuyenzeka, kholwa kuphela.

[UMfowethu Branham nebandla bahamisha elithi *Kholwa Kuphela*—Umhl.]

<sup>2</sup> Kuzothi ukubal'khuni kunoma ubani ukuba bazizwakalise ngesi—ngesikhathi esinjengalesi, ukusho ukuthi ngiyithokozela kangakanani lenhlanhla yokuba lapha kulokhu ukusa, na—naphakathi kwenu, ukukhonzisa iZwi likaNkulunkulu, engineqiniso ukuthi nilejwayele. Futhi—futhi ngifuna ukubonga uMfowethu Leo noMfowethu Gene, nani nonke bantu, ngalenhlanhla enhle kakhulu.

<sup>3</sup> Futhi njengoba bengizwa i—ihubo lokuqala, kuya kwelokugcina, kukhona okuthize ngalokho kucula, kungukukhonza ongasakutholi. Futhi njalo kuyinhlanhla enkuI kimi uma ngenyukela lapha, cishe kanye ngonyaka, noma kabilo, ukuba nje uthole ukuzigcwalis a wena uqobo ngalobobuhle balawomaculo.

<sup>4</sup> Futhi bengicabanga kulokhu ukusa, ngenkathi uMfowethu Leo ememezela iculo elithi *BaVela EMpumalanga NaseNthonalanga*, nangomkami ecula lelo ngenkathi ngisuka ngiya e...ngimshiya no—noBilly noRebekah, ukuba ngiqale lemvuselelo enkuI, eyisihloko somkhonto sayo, njalo, lapho ishanela izizwe. Futhi—ke bengicabanga, lapho ngibuka ngaphesheya kwalesi esihle, isigejane samanenekazi esibukeka sihlanzekile. Ngikhumbula uMeda ngaleyonkathi wayengomunye wawo, wayeyintombazane encane enekhanda elimnyama. Futhi manje usenjengami, sesigugile futhi sesimpunga, nezikhathi zethu ziyabaleka. Kepha nokho ngaleliThemba elihle kakhulu, ukuthi siyobuye sibuthane ndawonye futhi kuYe, lapho esingeke sisababikho isikhathi, ukuguga, kungabibikho okusivimbayo noma okusihluphayo.

<sup>5</sup> Angikhola ukuthi ngazi noma yiyphe indawo esengike ngayibona empilweni yami, ikakhulukazi nalababantu abanangi, lapho okwakukhona khona amaKristu amanangi kakhulu amahle enaloluthando. Ningalokothi nikuyeke lokho kufe phakathi kwenu. Khumbulani nje.

<sup>6</sup> Ngangivamise ukuba nesincane...isisho phakathi kwabantu. Igama lomkami kwakunguHope; umkami wokuqala, umama kaBilly. Babevamise uku...Sasibathathu ngaleyonkathi, lowo kwakunguHope, nami, noBilly. Babevamise

ukusibiza ngo, “Ukuthemba, ukukholwa, nesisa.” Futhi ngakho kwakubonakala kungukukholwa okukhuluphele, okufana nakho, ngalezozinsuku, ukukholwa ukuthi leliZwi laliqinisisile; futhi, lokho uNkulunkulu ayekwethembisile, Wayezokwenza.

<sup>7</sup> Futhi, kodwa, niyabo, “Okukhulu kunakho konke lokhu yisisa, wuthando.” Njengoba uMfowethu Leo ezwakalisile kulokhu ukusa. “Uthando! Lapho okukhona izilimi, kuyakunqamuka. Lapho okukhona ukuprofetha, kuyohluleka. Kodwa uma isisa, okuluthando, luyohlala njalo.” Niyabo?

Wundlu elifayo elithandekayo, iZwi laKho eliyigugu

Alisoze laphela Amandla Alo,  
Lize lithi lonke iBandla likaNkulunkulu elihlengiwe

Lisindiswe ukuba lingabe lisona.

Selokhu kwathi ngokukholwa ngawubona umfundlana

Okhishwa yizilonda zaKho ezigobhoyayo,  
Uthando oluhlengayo beluyindaba yami,  
Futhi luyoba yiyo ngize ngife.

<sup>8</sup> Ngicabanga ukuthi akukho lutho olukhulu ukwedlula uthando. Futhi uthando, uma singenakuluzwakalisa... Manje, singasho ukuthi sinothando, siyakusho nje lokho. Kodwa uma ngempela singakuzwakalisa ukuthi esikushilo sinakho, khonake sikukhombisa kithina uqobo.

<sup>9</sup> Manje asisibo abantu abaphelele. Senza amaphutha ethu. Senza izinto engalungile. Kodwa, niyabo, uthando lukusibekela konke lokho. Siyavuma, uma sibona amaphutha ethu, ukuba sibuye bese sixolisa komunye nomunye. Ya, lelo nga—lelo ngamaqhawe. Lokho ngukuthi, leyo ngabesifazane bangempela nabesilisa oyiqhawe. Noma yimuphi umuntu angaphumela enkundleni yezempi, onesibindi esenele ukuba ahambe aphumele lapho; kodwa uma ethola ukushaywa alahlwe phansi, bese esukuma bese ekuzama futhi, niyabo. Kwakuvamise ukuba neculo insizwa nentombi ababevamise ukulicula ebandleni, “Uma ngiwa noma uma ngehluleka,” niyabo, “uma ngiwa noma uma ngi...” Ngiyakhohlwa ukuthi liculwa kanjani. “Mangivuke ngibuye ngizame futhi.”

Ngithethelele, Nkosi, ubuye ungizame kanye futhi. (Niyabo? Niyabo?)

Uma ngiwa noma uma ngona, mangivuke ngibuye ngizame futhi.

Ngithethelele nje, Nkosi, ubuye ungizame kanye futhi.

<sup>10</sup> Futhi njengoba sinabaningi nje abantu abayikhulu namashumi amabili lapha sindawonye, nibophezelekile ukuba—ukuba nthole izinto ngezinye izikhathi, isitha siyotshuza

singene phakathi kwenu, nasezingqondweni zenu, bese—bese siqala *lokhu*, *lokho*. Nje yima uma sikwenza. Cabanga emuva, ucabange ngalokhu ukusa, ucabange ngezikkhathi uma nihlezi ndawonye ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu.

<sup>11</sup> Abanye benu bangabafaki bezinto ezhambisa amanzi nabanye bangaba bazi nabanye *lokhu*, *lokho*, *nokunye*. Nigudlana nezwe usuku nosuku, uma niphandle lapho. Kodwa uma nibona lezozinto, nezilingo ezinkulu zivuka, nikhumbule lezi nje ezincane, izindawo ezingewe le lapho enihlezi khona ndawonye, nento eyodwa ehlala isikhathi eside. Imisebenzi yakho iyohluleka, ngolunye lwalezizinsuku. Impilo yakho iyohluleka. Ngisho nokuphila kwakho, lapha emhlabeni, kuyohluleka. Kodwa-ke Lokho ngeke kwehluleke. Futhi uma Eyi-senta yezi-to zonke, khona-ke asigcine izingqondo zenu esigxotsheni esiyisenta, esidonsele kulokhu.

<sup>12</sup> He, lesi esihle, isigejane sabantu esibukeka sihlanzekile! Angiqondile kakhlulu kangako izingubo zenu. Izingubo zenu zihlanzekile, kusobala, nezinto, ubuso benu. Ngicabanga lamanenekazi amancane lapha, akukho nechashazi lopende wezindebe komunye wawo; onke enezinwele ezinde, abasha nabadala, abaphakathi nendima yempilo nabo bonke. Yebo. Niyabo? Awu, aniqondi nje ukuthi gugu lini eninalo lapha, niyabo, kulenkonzosonto elincane.

<sup>13</sup> Ngifuna ukubonga uMfowethu noDadewethu Shantz, futhi, nangalenhlanhla yokuba sekhaya labo. Naleli yikhaya labo manje, ukuthi bathengise impahlala yabo, ngiyacabanga, eCanada, base behla ukuba bazogogobala nathi. Asisenawo amafa asemhlabeni. Sifuna uMuzi ozayo, OMakhi noMenzi wawo nguNkulunkulu.

<sup>14</sup> Futhi ngibonga uMfowethu Leo noGene, ngobuqiniso akade benabo, embonweni owanikwa bona ngenkathi sihlangana okokuqala. Akungabazeki kodwa unitshelile izikhathi eziningi. Kuyaxaka, angikubonanga nje kanje. Ngangazi ukuthi kwakukhona okungaphambili. Ngenkathi umfo omusha efika kimi njenge... nephupho ayekade enalo lesivivane, ngimi kulesisivivane. Futhi wakhwela waya lapho engangikhona, futhi ngangimi ngiphumele esosweni, ipleyiti, noma into ethize efana nelambu.

Wathi, “Mfowethu Branham, ufika kanjani phezulu lapho na?”

<sup>15</sup> Ngase ngithi, “Mfowethu Leo, nguNkulunkulu obeka umuntu kulesisikhundla phezulu lapha.” Ngathi, “Manje okubonile, buyela kubantu bese ubatshela ukuthi uyakholwa ukuthi ngokukaNkulunkulu.”

<sup>16</sup> Futhi ngingazi kahle ngaleyonkathi ngenkathi nginendawo. Ngi—ngiyabathanda abafana, futhi ngangifuna ukubabeka esikhundleni lapho engangagingaba nabo khona. Base beqala

ukwenza amateyipu. Kodwa, niyabo, ngesingami, bebeyolokhu besenza amateyipu, ngokwazi kwami. Kodwa into enkulu kakhulu kangaka uNkulunkulu abenzela yona, kunokwenza amateyipu, niyabo. Cishe impela noma ubani angayenza iteyipu, onobuhlakani bokuvula isiqophamazwi, noma ongathengisa. Kodwa kuthatha ukuhola kukaMoya oNgewelete ukuhola iqembu elincane libe ndawonye njengaleli, kulokhu ukusa, nokubagcina bendawonye ngokuzwana nangobunye, futhi bebe besalokhu bebambelele eMlayezweni.

<sup>17</sup> Nkulunkulu, kwangathi Unga—kwangathi Ungapha, kulababantu, impilo ende lapha emhlabeni, injabulo nokujabula, bese-ke “bengena ezintokozweni zeNkosi” ekupheleni komgwaqo.

<sup>18</sup> Manje sesilungele impi, iCilongo lizokhala. Amahubo aseculiwe, manje kuza iZwi. Ngiyacabanga, njengoba ngimi lapha, enaziyo... Yebo, mhlawumbe niyazi.

<sup>19</sup> Kodwa ukuzwa lezizophawulo zalamasosha asemancane lapha! Nami uqobo sengigugile, futhi ngilalela ndawo zonke, nokukholwa kwenu nethemba, nenikubeke phakathi ukuba nikholwe uMlayezo e—engiwunikwe nguNkulunkulu. Manje, ukuba bekungenganxa yenu nonke, uMlayezo ubungesize ngalutho. Niyabo, ku—kufanele kube nomuntu oWukholwayo. Futhi inqobo nje uma uvela kuNkulunkulu, uzobakhona umuntu oWukholwayo, niyabo. UNkulunkulu wenze indlela. Yena, Ulungise umnotho waKhe omkhulu kanjalo, ukuthi, uma Ethumela Into ethize, kukhona into ethize lapho ukuba ihangabezane naleYonto ethize. Utwa lusabela ekubizeni kotwa. Ku—kufanele kube ngaleyondlela.

<sup>20</sup> Ngiyalithanda igama uMfowethu Gene alisebenzise emkhulekweni kulokhu ukusa, “Emagecekeni aKhe ahloniphekile.” Ngizwa ngaleyondlela uma ngiwela lelobriji ezansi lapho, uku—ukungena lapho uNkulunkulu aziswa khona nahlonishwa khona. Futhi njalo ngikugcine ngaleyondlela. Akunandaba lapho isitha...

<sup>21</sup> Manje khumbulani, ningakukhohlwa lokhu; Mfowethu Leo noGene, ikakhulukazi. Manje, nicabanga ukuthi uSathane uzokuyeka lokhu kuhambe kanje, ngaphandle kwesikhubeekiso na? O, qha. Impela angeke. Uzondiza angene, ngolunye lwalezizinsuku, njengesivunguvungu nje. Kodwa uma i—uma isitha singena njengozamcolo, uMoya kaNkulunkulu uphakamisa ibhanela ukumelana naso. Nje yiba ulokhu uziphakamisa ngomkhuleko phambi kukaNkulunkulu. Nibambane. Nibambele kuNkulunkulu. Ngokuba, uma nithandana, kukhombisa ukuthi nithanda uNkulunkulu. “Lokhu abantu bayokwazi, ukuthi ningabafundi baMi, uma ninothando lomunye nomunye.”

<sup>22</sup> Futhi ngicabangile, esikhashaneni esedlule, “Ukucula okuhle kangaka pho! Amaphimbo akahle kanje pho! Iqembu elikahle kanje pho labesilisa nabesifazane, abayeni namakhosikazi; abasha, abadala, nabaphakathi nendima yempilo, behlezi ndawonye lapha.” Ngacabanga, “Awu, bebefanele ukuba nakho ezansi ePrescott, bebefanele babesezansi lapho futhi bebefanele ukuba nokusakaza komsakazo okuncane okufana nalokho.” Manje-ke, niyabo, lokho bekungeke nje kwabayikho ncamashi uNkulunkulu akubizele lezizinsizwa ukuba zikwenze. Niyabo? Niyabo? UMlobokazi ubizelwa ngaphandle, niyabo, ubizelwa ngaphandle, manje umsebenzi wami uphandle lapha, ukubiza. Bese kuthi-ke izinto ezinjengalokhu, futhi lapho enizakhela khona umgwamanda wakwelinye izwe nindawonye, futhi azibambe, lapho ofuna khona ukukhulisa khona abantwana bakho, ngamunye eqaphile usuku ngosuku, njengeso lokhozi ziqaphe abantwana bazo, ukuze ninga... Uma nibona noma yini engalungile, bese-ke ubizela lowomuntu eceleni bese nikhulekela phezu kwakho, nezinto ezinjalo. Nikugcine kumsulwa, kungcwele, ukuze uMoya oNgewelete ukwazi ukuba nendawo yokuvakasha.

<sup>23</sup> UNkulunkulu uyathanda ukukhonza. Futhi uma niMkhonza, akusikho nje impela ukucula iculo njengoba senza, kodwa ukulicula emoyeni wokukhonza, niyabo, khona-ke nizwa uMoya oNgewelete ubhampa ubuye.

<sup>24</sup> Futhi ngibona insizwa enkulukazi lapha, ngicabanga nje ngosuku leloqembu labafo abasha lihlezi lapho, abafana abancane nomkabo abancane behlezi ngapha, nenkulu, indoda enesankahlu ihlezi lapho futhi nje ikhala njengezingane ezincane.

<sup>25</sup> Ngani, bukani namhlanje, baphandle lapha emgwaqeni, bephila ngokuphinga nokungcola kwezwe, nezinto.

<sup>26</sup> Nokucabanga ukuthi ningeza nehlukane futhi nibuthane kanje, lapho njengoba uMhubi athi, “Bheka kumnandi kangaka futhi kuyathokozisa ngabazalwane ukuhlala ndawonye ebunyeni.” Kufana namafutha okugcoba ayesentshebeni kaAroni, ehlela emiphethweni yezingubo zakhe. Okungukuthi, lawomafutha okugcoba... Okungukuthi, niyazi ukuthi amafutha okugcoba enzeni, amlondolozela ukuba aye eBukhoneni bukaNkulunkulu. Niyabo, wayefanele agcotshwe ngalawomafutha ngaphambi kokuba aye eBukhoneni bukaNkulunkulu. Futhi uma abazalwane bengahlala ndawonye ebunyeni, kufaniswa nalawomafutha. Sibe-ke sesingena eBukhoneni beNkosi, ngalokho kugcotshwa kwabazalwane bendawonye ebunyeni. *Amafutha* amele u “Moya oNgewelete.”

<sup>27</sup> Manje singabanalo nje izwi lomkhuleko ngaphambi kokungena ekutadishweni kweZwi.

<sup>28</sup> Baba waseZulwini, njengoba umfowethu ezwakalisile kulokhu ukusa, ukungena emagcekeni ahloniphekile eNkosi! Manje, Baba, siyalqonda leliqembu labantu lapha, futhi manje engikushoyo, ngizofanele ngiphendule ngakho ngoSuku lokwaHlulelwa. Nalo ngabantwana baKho. Babusise, Baba, ngokuqhubeckayo. Busisa uMfowethu Leo noMfowethu Gene. Kwangathi bangaholwa nguMoya waKho oNgcwele, ukuhola baqondise lababantu, njengoba senza loluhambo oluya endaweni engcwele ekushoneni kwelanga. Futhi manje-ke, O Moya oNgcwele kaNkulunkulu, sihole usiqondise eNdodaneni. Siphe khona, Nkosi.

<sup>29</sup> Sihlephulele iSinkwa sokuPhila, ngeZwi. Futhi si... Manje siyaqonda ukuthi sisempini manje. Sifaka ophisi bezikhali, phandle kulamasosha, azodingeka alwe ngazo, emahoreni elisele empilweni. Futhi ngiyakhuleka, Nkosi, ukuthi ngokufanele Uzobeka bonke ophisi lapho bengabakhona, lapho bengavikelwa yisihlangu khona e—esitheni lapho siza ukubhekana nabo. Siphe khona, Nkosi. Sikhuleka eGameni likaKristu. Amen.

<sup>30</sup> Manje, ngithi ukunensa e—ekukhulumeni, ngoba a—angisuye umfundisi oqequeshiwe. Ngiyazi bakhona abantu lapha okhaliphile, onobuhlakani, isihlakaniphi, futhi bakubeke eceleni lokho, ukuba beze neno manje nokuthi bazibhidlize, ngokuzithoba. UPawulu omkhulu, umphostoli, ngicabanga amazwi akhe ngenkathi esho ukuthi, “Angifikanga kini ngamazwi omuntu ayengayo, ngoba lapho naniyobeka ukukholwa kwenu kulokho, kodwa ngifika kini ngamandla kaMoya.” Niyabo, izinto ezinkulu ayazi ukuthi wayenazo, wazibeka eceleni. Futhi ngizwa kulokhu ukusa, njengendoda lapha, njengoMfowethu Hughy nodade, uthisha lapha wasemasimini ezithunywa zenkolo, nabanangi benu bantu abanobuhlakani ngempela nabakhaliphile; futhi ngi—ngizizwa ngimncane kakhulu ukuba ngime lapha ngingenayo enye imfundu kunale enginayo, phambi kwenu. Kodwa ngi... Bese kuba-ke ngukubona ukuthi nina bantu, kanjalo, ni—nizozithoba kulezozinto, nikubeke eceleni, bese nihlala phansi bese nilalela umuntu okunzima noma azi oABC babo, lokho kwenza abantu abakhulu ngani. Akusuye lowo ongaqhoshisa amahlombe akhe, futhi aphume ahambe futhi... Yilowo ongazithoba.

<sup>31</sup> Ngicabanga ukuthi, isimilo, silinganiswa nge...ndoda, hhayi ngemisipha yayo engalweni yayo noma ngezikofu ezandleni zayo, kodwa isikhwama emadolweni ebhulukwe layo lapho kade ikhuleka khona. Ngicabanga ukuthi yilokho okwenza indoda.

<sup>32</sup> Manje ngifuna ukufunda, kulokhu ukusa, okunye kweBhayibheli. Futhi ngiyalithanda iZwi. Anilithandi nina na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Manje siyikhonzile iNkosi, futhi sizoqhubeka siYikhonze. Manje asiYikhonze njenge—

ngeNkemba ebukhali esika emaceleni, lapho Ihamba idabula kithi, ukuthola ukuthi simi kuphi.

<sup>33</sup> Futhi—futhi ngi—ngiyaLisho, ngoba yilendawo eyodwa engizwa khona ukuthi ngi—ngingazifundisa izinto engifuna ukuzisho kulokhu ukusa. Futhi manje-ke, kusobala, uMfowethu Leo noGene, nabo, bazo—bazosala bezenza, uma sesisuka, futhi bazokhipha amaphuzu njengoba ngimzwile ngomusa esho emlayezweni wakhe kulokhu ukusa. Ukuthi, uyakubamba lokho. Kodwa ungeke wakusho usemsamo njengalonanoma kulawomateyipu, kodwa, niyabo, hlala phansi nje bese uwatadisha. Ulokhu uwatadisha nje, uphindaphinda. Kul'khumi ukuqonda. Abantu abanangi kakhlulu abaLiqondi! Futhi benazi yini, mhlambi omncane—omncane, ku—kungaleyondlela phakathi kwaso sonke isintu na? Bekuhlala njalo kunjalo.

<sup>34</sup> Uma bengayiqondanga iNkosi yethu noMsindisi, uJesu Kristu, (ngisho nabaphostoli baKhe, niyabo) manje-ke besingakulindela kanjani ukuLiqonda ngalolusuku, niyabo. Wathi, Wayesho izinto eziqondile, niyazi, futhi Angazichazi. Wayezisho nje. Wathi, isibonelo nje, “Uma ningadli inyama yeNdodana yomuntu niphuze iGazi laYo, aninakuPhila kini.”

<sup>35</sup> Manje ini, manje ukuba-ke—ukuba-ke udokotela wayekade emi esondele, noma unesi noma okuthize, kulelobandla, lolosuku, Ayekhuluma kulo na? Awu, bathi, “LoMuntu uyindlabantu, niyabo, ufunu ukuphuza iGazi laKhe.” Niyabo, Akazange akuchaze. Wavele wakusho nje. Kodwa kamuva, uPawulu wafika wayesekuchaza, ukuthi kwakukhuluma kanjani ngesidlo, niyazi, “ukudla iNyama yaKhe nokuphuza iGazi laKhe.” Futhi ngakho nje Wavele washo lezozinto.

<sup>36</sup> Futhi emaphethelweni, ekugcineni, abaphostoli ngoluny'usuku, ngisho nasemva kokuvuka, kwakukhona owayencika ehlombe laKhe, uJohane Ayemthanda. Wayeyinsizwa. Futhi Wathi, “Kuyini kuwe uma lomuntu ehlala ngize Ngifiike na?” Kwaphuma izwi phakathi kwabo, ukuthi uJohane wayengezu—zukufa uJesu aze abuye. UJesu akakushongo lokho. Wavele nje, Akusho, “Kuyini kuwe uma ehlala na?” Bese kuthi-ke, kusobala, kufunde e—ezwini, ukuthi u—uNkulunkulu waba kanjani ngaleyonkathi... Lokho kwashiwolo inhloso. Lezizinto zingezenhloso. UNkulunkulu wathatha lowoJohane omncane wayesemphakamisela eMoyeni, futhi wabona ukuFika kwaKhe, kwaye kwayothi ngqo ngale o—onyakeni ozayo. Niyabo, wathi, “Kuyini kuwe uma ehlala na?” Akamhlalisanga, ngokwenyama; kodwa—kodwa iZwi Alikhuluma ngaye, lisilethe kulonyaka lapho esikhona manje, niyabo. Ngakho, konke kusebenzalana kube ngokuhle.

<sup>37</sup> KwabaseRoma, isahluko esijwayeleke impela, ngifuna ukuthatha a—amavesi ambalwa lapha, futhi cishe ngamabili

okuqala noma amavesi amathathu, amavesi amabili, ngicabanga ukuthi yikho, bese ngifunda. Futhi, kulokhu, ngizame ukuLichaza ngokungcono ukwedlula konke engikwaziyo ukuthi kanjani, ngosizo lukaMoya oNgcwele. KwabaseRoma, isahluko 12.

*Ngalokho ngiyanincenga, bazalwane, ngobubele bukaNkulunkulu, ukuba ninikele imizimba yenu ibe-ngumnikelo ophilileyo, ongcwele, othandekayo kuNkulunkulu, kube-ngukukhonza kwenu kokuqonda.*

<sup>38</sup> Ngicabange ukuthi lokho kube kuhle kakhulu okwaleliqembu kulokhu ukusa, enikwenzile. Manje, “Futhi,” u futhi yisihlanganiso, njengoba ngiqonda.

*Futhi ningalingisi lelizwe: kodwa niguqulwe isimo ngokwenziwa ibentsha ingqondo yenu, ukuze nibe-nokuhlolisia okuyintando kaNkulunkulu, okuhle, nokuthandekayo, nokupheleleyo.*

<sup>39</sup> Yilokho sonke esifuna ukukwenza, ngukuthi, “Ninga lingisi lelizwe, kodwa ni guqulwe isimo ngokwenziwa ibentsha ingqondo yenu, ukwenza ephelele nethandekayo intando kaNkulunkulu.” Manje njengoba sisindisiwe, njengoba sinjalo; nokuthi sigcwaliwi ngoMoya oNgcwele, njengoba sigcwaliwi; manje sifuna umqondo owawukuKristu, ukuba ube kithi, ukuze siguqulwe isimo sisuka ezintweni zemvelo zokuphila, futhi singeniswe ukuba senze ephelele intando kaNkulunkulu, ngokuguqulwa isimo, ngoMoya kaNkulunkulu, ngeZwi laKhe.

Manje indaba yami ithi: *Amandla OkuGuqulwa isimo.*

<sup>40</sup> Ngingashiya iBhayibheli lami *lapha*. Manje, kwakuvamise ukuthi, eminyakeni eyadlula, ngiseyinsizwa njengalawa indoda, nga—ngangingadingeki ukuba nighlele phansi imiBhalo yami ne—nezinto ngenkathi ngitadisha. Kodwa manje njengoba sengigugile, ngani, ngiziphathela ibhuku elincane. Futhi—futhi uma kukhona engikutholayo, ngani, ngikuqbela phansi, ngifanele ngikubeke emBhalweni. Futhi ngangivamise uku, nganginawo nje lowomugqa wemiBhalo engqondweni yami impela, ngivele nje ngehle ngqo.

<sup>41</sup> Kodwa, bangane abathandekayo, angimusha njengani nonke, kulokhu ukusa. Kodwa sengimdala, futhi ngedlule ezimpini eziningi ezinzima, niyabo; futhi, ngokwedlula kulezozimpi ezinzima, kuniletha lapha enikhona kulokhu ukusa. Niyabo? Ngakho, ngineqiniso ukuthi niyakuqonda lokho. UNkulunkulu ungibeke ngedlula kukho, ukuze impilo yami ivule indlela, ukuba ngithi, “Yileli, niyabo,” bese-ke nonke nigijima ngalowomgwaqo. Kodwa phambi kwami, kwakukhona omunye ongivulela indlela ukuba nighambe. Niyabo? Futhi sivila umgwaqo, omunye komunye. Futhi njengoba nibona, ngesinye isikhathi, ingwazi endala isigugile, nezimpawu

konke kuyo, futhi njengoba uPawulu ake asho, “Emzimbeni wami ngiphethe izimpawu zikajesu Kristu.” Niyabo? Ukuthi uThimothewu wazibuka kanjani lezozimpawu, ngiqagele, ngenhlonipho, lapho ekunikela kuThimothewu omncane.

<sup>42</sup> Manje, “ukuguqula isimo.” Ngangivamise ukusebenzela iNkampani yezemiSebenzi yoMphakathi, lapho sasineziguqulizimo, nokuguqula isimo. Manje igama lithi, igama lichaza, kulo uqobo, into efana... Uku *guqula isimo*, kuchaza “into eshintshiwe, into eshintshiwe isuka kwenye into yaya kwenye.”

<sup>43</sup> Futhi njengoba ngifuna ukukhulum, emizuzwini elandelayo engamashumi amane-nanhlanu noma ihora, ngoku—kuguqula isimo, ngithanda uku—ukusebenzisa lendikimba. Futhi ngi—ngingahle ngisho ezinye izinto, phakathi lapha, ebonakala ixake kakhulu. Futhi njengoba uMfowethu Leo ebesanda kusho nje, “Lithatheni futhi nje niLitadishe, isikhashana.” Niyabo, cabangani ngaLo nje kancanyana.

<sup>44</sup> Uku *guqulwa isimo* nguku “shintshwa futhi kwensiwa into ehlikile.”

<sup>45</sup> Njengo—ngonoshobishobi, uguqulwa isimo usuka ekubeni ngunoshobishobi ube yixoxo. Niyabo, kanye, wawubukeka njengobhabhula, uhamba ubhukubhukuda, u—unekhanda nomsila wawo, futhi nje yonke into ibukeka ifana no—nobhabhula. Bese—ke, emva kwesikhashana, uqala ukulahlekelwa, ulahlekelwa wumsila, futhi u—uyaguqulwa isimo usuka kolunye uhlolo uye kolunye.

<sup>46</sup> Ngicabanga ukuthi yilokho uPawulu okufanele ukuthi wayenakho engqondweni, ngenkathi ethi, “Niguqulwe isimo ngokwe—ngokwenziwa ibentsha.” Ake sibone, angikuthole kahle lokho. “Futhi ningalingisi,” niyazi ukuthi *lingisi le* kuyini.

...ningalingisi lelizwe: kodwa niguqulwe isimo ngokwenziwa ibentsha ingqondo yenu,...

<sup>47</sup> “Nenziwe ibentsha ingqondo yenu.” Izinto owake wacabanga ngazo, ukuba zibe ziyigugu, beka eceleni lokho bese uguqulwa isimo ube ngenye into; owake waba yikho, kuye kulokho oyikho manje. Niyabo?

...ngokwenziwa ibentsha ingqondo yenu, ukuze nihlolise okuyintando kaNkulunkulu, okuhle, nokuthandekayo, nokupheleleyo.

<sup>48</sup> O, yilokho sonke esifuna ukukwazi, ukuthi kwensiwa kanjani. Niyabo? Silapha, siyaMthanda; Wasisindisa, manje sifuna ukwazi ukuthi senze njani. Futhi sizama ukuthathha isinyathelo esincane kulokhu ukusa, ukuba sithi ukuphakama kakhudlwanyana. Ngezinye izikhathi sifanele sishaye izinto ezi... Bambani embalwa... size sibone ukuthi kuphuma kuba yini.

<sup>49</sup> Manje kuGenesi, isahluko 1, “UMoya kaNkulunkulu wawuhamba phezu kobuso bamanzi.” Siyaqonda ukuthi amanzi... Ne—neBhayibheli lathi, “Ekuqaleni emuva lapho,” ukuthi, lokhu, “izwe laliyihlane, lize.” Kwakungekho lutho kuperha nje ubumnyama benxushunxushu. Futhi—futhi ufanele ukuthi wawukade usesimweni esesabeka kanjani. Kungekho lutho kuperha le ukuyongena ebumnyameni ngaleya, kungekho kukhanya noma yini, nokuqubuka kwamanzi, naleyonkanyezi edukayo isontekile ijikeleza ijikeleza imikhondo ngaphandle lapho ndawo ndawo. Kufanele ukuthi kwakukade kuyi—yisigaxa esinamandla esabekayo se—se—nto ethize elahlekile, njengoba kwakunjalo, ingakwazi ukuthola indlela yayo.

<sup>50</sup> Futhi yilokho esiba yikho uma siba yizinkanyezi ezidukayo, siqhelile kuNkulunkulu, nje singenathemba, singenaNkulunkulu; singena, kungukuqubuka okuphenduphendukayo, phandle ebumnyameni, singazi uma si... ukuthi siya kuphi.

<sup>51</sup> NoNkulunkulu wathatha leyonxushunxushu enku lu yobumnyama, futhi wayiguqula isimo yaba yinsimu yase-Edene, niyabo, ngeZwi laKhe. Siguqulwa kanjalo-ke isimo, ngeZwi likaNkulunkulu. Ngenkathi uNkulunkulu ethi, “Makube-khona ukukhanya,” nalesosigaxa sokudaliweyo phandle lapho siza neno sizungeza ilanga, futhi siqala ukuphenduka sizungeza ilanga, futhi saba yinsimu yase-Edene ngoba salalela iZwi likaNkulunkulu. Senze intando ephelele kaNkulunkulu, ngokuba saguqulwa isimo sisuka enxushunxushwini, kwaba yinsimu yase-Edene, ngeZwi likaNkulunkulu.

<sup>52</sup> Manje yilokho esikukhonela lapha. Lowo nguMlayezo wami, bekuyilokhu kuyiwo njalo, yiZwi likaNkulunkulu. Sifanele sibambelele kuLokho kungakhathaleki ukuthi ezinye izinto zenzani. Njalo hlala naleloZwi. Njalo hlola izinjongo zakho nezimpokophelo, ukuthi ngabe kungokweZwi likaNkulunkulu yini. Uma kungenjalo, kuyeke kanjalo. Niyabo? Kodwa uma kukanye neZwi likaNkulunkulu, futhi kuhambisana neZwi likaNkulunkulu, khona, lokho, bambelela kulokho.

<sup>53</sup> Manje uNkulunkulu ngezinye izikhathi... Njengeqembu lenu elincane nje lapha kulokhu ukusa. Akakudedeli kwenzeke nje ngobusuku obubodwa, Udedela, uNkulunkulu... Yithina esijahayo. UNkulunkulu akajahi neze. Uyakusho nje, futhi—futhi kuzoba njalo. Ngokuba, uma Esho noma yini, kuzofanele kube njalo. Kuzoba njalo nje! Yena, Ukudedela kuthathe isikhathi sakho. Udedela...

<sup>54</sup> Abantwana bamaHeberu, lezozimilo ezidumile zomBhalo, owayemi eZwini likaNkulunkulu ukuthi liyiqiniso, bathi, “UNkulunkulu wethu unamandla okusikhulula kulesisithando somlilo. Noma kunjalo, niyabo, angeke sikhothame esithombeni, ngoba kuphambene neZwi, niyabo. Nakuba, uma Esibulala,

Uzosivusa futhi, niyabo.” Niyabo, futhi ba... Wabadedela bahamba bakhuphukela ngqo onqenqemeni lwalesisithando esikhulu, base beqathakela kuso, ngaphambi kokuba kubonakale sengathi Wake wanaka ngisho, sengathi Wayengabaqaphele ngisho. Kodwa uqaphele njalo, nokho. Ukuqaphele njalo lokhu.

<sup>55</sup> Manje uNkulunkulu wathi, “Makube-khona ukukhanya.” Futhi kwathatha iminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha le-Edene ukuba ibe khona, futhi siyafundiswa emBhalweni, “Ngokuba usuku lunye phezu komhlaba lu... noma-noma-noma lu njengeminyaka eyinkulungwane, kuNkulunkulu; iminyaka eyinkulungwane phezu komhlaba, wusuku lunye kuNkulunkulu.” Ngakho kwathatha iminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha ukwenza lomhlaba, nokuwungenisa e-Edene. Kodwa, niyabo, kwakunguNkulunkulu, uMnini omkhulu wokuhlakanipha konke, futhi Wa-Wayenakho engqondweni yaKhe Ayefuna ukukwenza.

<sup>56</sup> Njenga nje uma indoda eyakha lekharaveni, ngenkathi indoda e... Ngenkathi nina bazalwane lapha enasungula lepaki, ukuthi nanizoyenza kanjani, kwakusengqondweni yenu, nanilokhu nisebenza lowombono.

<sup>57</sup> Yileyondlela uNkulunkulu enza ngayo izwe. Wasebenza; kwakusengqondweni yaKhe. Futhi, uma niqaphela, kufika njengenguqunguquko, sengathi Wayefunda okuningi ngaso sonke isikhathi, enza into ethize enkulu ukwedlula nenkulu ukwedlula. Kodwa, niyabo, Wayengaphezu kwakho konke, futhi nje ekudedela kuguquguquke kuze kufike kulokho, niyabo. Yonke into Uqala ukuyiletha phezu komhlaba, kusukela empilweni yezitshalo, nezinhlanzi, kanjalonjalo; kuza kuyongena ezinyonini, nezilwane; bese-ke kuba yinto ethize emfanekisweni waKhe uQobo, umuntu; wayeseyama lapho, niyabo, ngoba kwase kwenyuke kwaze kwafinylela ekupheleli kwaKhe, ngalokho Ayekufuna.

<sup>58</sup> Yileyondlela oqala ngayo, njengalekharaveni. Ungahle ubekе ifremu phansi, bese uthi, “Nenzani na?” Njengani, ngenkathi nonke nigudluza amadwala okuqala niwasusa kulelikhona lapha. “Nenzani na?” Niyabo, kwakungabukeki ngokuthi kuyoba njengoba kunjalo manje. Kubukeka njenge-Edene elincane, ngoba kwakusengqondweni yakho ukuthi yenzani, futhi nje waqhubeuka ukusebenza kuya phezulu.

<sup>59</sup> Manje sifuna ukuguqulwa isimo, thina uqobo, ngokwenziwa ibentsha ingqondo yethu. Niyabo, kungesikho ukuthi sinani kulomhlaba, ukuthi sizofunani kulomhlaba; kodwa ukuthi siza kuphi, ezweni elizayo. Siguqulwe isimo ngokwenziwa ibentsha ingqondo yethu!

<sup>60</sup> Manje, iminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha, uNkulunkulu ayithathile ukwenza lokhu, futhi siyabona kuGenesi 1. Nokho, manje siyakubona lokho, kulokhu, uNkulunkulu wayene—nempokophelo Ayefuna ukuyifeza.

<sup>61</sup> Futhi abantu abaningi kakhulu, ngokufundisa ngoGenesi, emuva lapha esahlukweni 1 nesahluko 2, nesahluko 3, ikakhulukazi, “Kubukeka sengathi uNkulunkulu Uyaziphinda. O, Uthi, Waqhubeka wayesesho zonke lezizinto Azenzayo. O, Angaba kanjani... ‘Makube-khona ukukhanya, futhi makube-khona *lokhu*, futhi makuvele,’ futhi kwakungakabikho ngisho nento eyodwa.” Kwakungekho lutho. Kwakungekho-kukhanya. Lelo—lelozwе elidala lalisalokhu lintanta phandle lapho kulobo bumnyama, bumbozwе ngamanzi. Kodwa, niyabo, Wayekhulume iZwi laKhe, bese kuthi-ke kungaleyonkathi Ayekhuluma ngayo.

<sup>62</sup> Manje siyaqaphela lapha kuGenesi 1, Wathi, “Futhi Wabumba umuntu ngomfanekiso waKhe uQobo, ngokufana naYe uQobo, ngomfanekiso kaNkulunkulu Wenza (Wenza) yena, owesilisa nowesifazane.” Niyabo, Wayenza umuntu, Wakhulumu iZwi nje. Bese-ke sithola ukuthi, emva kwezinsuku zaKhe eziningi ezase zedlulile, mhlawumbe amakhulu ngamakhulu eminyaka, kwakuselokhu kungekho-muntu wokulima umhlabathi. Kungekho-muntu wokulima umhlabathi, ngakho-ke uNkulunkulu wabumba umuntu ngothuli lomhlabathi. Niyabo, Wayekhulume iZwi, kwase kuthi-ke iZwi kwafanele lenzeke.

<sup>63</sup> Manje, ngenkathi Ethi, “Makube-khona ukukhanya.” Mhlawumbe ngahle ukuba kwakukade kungamakhulu eminyaka, mhlawumbe iminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili, ngaphambi kokuba kuze kubekhona ukukhanya, kodwa kuyafezeka ngoba uNkulunkulu washonjalo.

<sup>64</sup> NoNkulunkulu uzoba neBandla, angikhathali ukuthi mingaki iminyaka yezikhathi zobumnyama esedlula kuyo, nanoma yini okunye. Uzoba neBandla elingenabala noma umbimbi, noma ngabe siyingxenyе yalo noma asisiyo, ngoba Usevele ushilo ukuthi kwakuzokwenzeka. Lizoba lapho.

<sup>65</sup> Futhi—futhi Wayala, uku—ukuwuguqula isimo ube yimpilo yezithombo nayo yonke impilo Ayivezayo. Washo lamazwi, kanje, “Makube-khona isihlahla sesundu. Futhi makubekhona isihlahla som oki. Makube-khona umsayipuresi.”

<sup>66</sup> Bukani phansi ogwadule, lapho esakhe khona ezansi lapha eTucson. Phandle lapho, kukhona umdolofiya, umdolofiya oqhashayo, zonke izinhlobo zemidolofiya. Imizuzu engamashumi amathathu nje ukusuka lapho, yisherman phayini phezulu esiqongweni sentaba. Manje, lomdolofiya ungeke umile phezulu *lapho*, futhi kanjalo nesherman phayini ingeke imile

ezansi *lapha*. Manje, babukuphi ubuHlakani obatshala imbewu na? Niyabo, babufanele buvele ndawondawo. KwakuyiZwi likaNkulunkulu, “Makube-khona,” futhi kwabakhona.

<sup>67</sup> Manje siyathola, konke lokhu, emva kokuba Esekwenzile, wakuguqula isimo enhlobweni yakho nasempilweni yakho, futhi—futhi konke kwafakwa ngeZwi likaNkulunkulu, uMdali. Konke ku, siyathola, ukuthi konke lokhu kwaphethela ekomkhulu, elibizwa ngensimu yase-Edene. Futhi uNkulunkulu wabeka iNDodana yaKhe, nomlobokazi wendodana yaKhe, phezu kwakho konke. Niyabo? Lokhu okudaliweyo okukhulu, niyabo, Wayenesizathu sakho. Wenza yonke into yaba yinhle kakhulu! Wenza izimbali, nokuphila, nezinyoni, futhi kwakungekho-kufa, kungekho-sono, kungekho-kudabuka, kungekho-kugula. Kwase kuthi yonke lento enkulu yaphethela ekomkhulu elikhulu elilodwa, okwakuyinsimu yase-Edene.

<sup>68</sup> Futhi lapho Wabeka indodana yaKhe, uAdamu, nomlobokazi ka-Adamu, umfazi. Manje wena ungahle uthi, “Kwakungumkakhe.” Kungashiwo ukuthi kwase kungumkakhe, kodwa wayengakaze...engakaze abe ngumkakhe ngokwangempela nokho.

<sup>69</sup> NjengasemBhalweni, siyathola, lapho Wathi, “Josefa, ndodana kaDavide, ungesabi ukumthatha uMariya umkakho, ngokuba lokho akukhulelwé kungokoMoya oNgcwele.” Niyabo? Manje kwakungumkakhe ngenkathi enza isithembiso ukumshada, noma ukuba naye; kodwa nokho kwakungesuye umkakhe, nokho, ngoba wayengakaze amazi njengomfazi.

<sup>70</sup> Ngakho yileyondlela okwakungayo lapha, isizathu ngithe, “Indodana kaNkulunkulu nomlobokazi wayo.” UAdamu wayengakaze amazi umkakhe njengomfazi, kodwa nokho kwakungumkakhe, sekungashiwo. NjengeBandla manje, noKristu.

<sup>71</sup> Manje, kwase kuthi-ke, konke kwakungaphumula, ngoba konke okwezimbewu ezinhle zeZwi likaNkulunkulu, Ayelikhulumile, kwakuveze inhlobo yakho. Umhlaba uyafika, kwakukhona ukukhanya. Kwakukhona ukukhanya kwelanga ngenkathi Ededela ilanga likhanye. Manje Walenzelani ilanga likhanye na? Wayenakho engqondweni yaKhe, niyabo, ukuthi, uma ilanga lingakhanyi, imbali ngeke imile, ukuthi Ukhuluma kubekhona. Wenza yonke into ihangabezane nenhoso yayo, noma ngabe kuyini. Njengesihlahla, sithela isithelo som oki, noma sithela i apula. Wenza isithelo sasensimini, kanjalonjalo. Konke kungokwenhoso yaKhe. Futhi yonke into yayikade isifezekile, futhi Wayekukhulumile. Manje into kuphela Ayedingeka ayenze, emva kokuba esekukhulumile, E...kukhuluma, njalo. Wayengahamba ayophumula, ngoba Wayekukhulumile, futhi kwabakhona konke kufenzeke ngoba Wayekukhulumile. Angazi ukuthi

kukangakanani okwakudingeka kwedlule kukho ngaphambni kokuba kufezeke, kungaki ukwenqatshwa nanoma yini okunye. Kodwa kwakudingeka kufezeke, ngoba Wayethe kuyofezeka. Wayekukhulumile.

<sup>72</sup> Kuyinto efanayo mayelana nokuba neBandla lapha ngezinsuku zokugcina. Uzoba noMlobokazi. “Angamvusela uAbrahama abantwana kulawamatsho.” Uma singaMlandeli, Uzothola omuny’umuntu ozoMlandela. Niyabo? Uzoba naLo, ngoba Usevele ukukhulumile. Noma yini Ayishoyo, kuzofanele kube ngaleyondlela. Ngeke kwaguquka. Kufanele kuvele ngaleyondlela, ngoba Wathi kuyoqhamuka ngayo.

<sup>73</sup> Nay o yonke lento enkulu Ayeyazi ukuthi yayizofezeka, emva kokuba E—Eseyikhulumile, Wayengaziphumulela. Yonke into iphansi kokulawulwa! Imbewu yaKhe yayiyiZwi laKhe, neZwi laKhe laliyimbewu. UJesu wathi laliyayo. Nay o yonke yayizoba kahle, ngoba Wayeshilo ukuba iveze inhlobo yayo, iguquleka isimo kuphela enhlobweni yayo. Niyabo, iZwi laKhe lalifanele libe yinhlobo yaLo. Uma Athi isihlahla se “shoba,” WayengaQondile ishoba ne oki kuxutshwe ndawonye. Wayeqonde ukuthi isihlahla seshoba *lapha*, nesihlahla *som oki lapha*, yonke into ngokwendawo eyiyonayona isendaweni yayo.

<sup>74</sup> O, ukuba kuphela besingafunda lokho, ukuthi yiypipi inxenye yeZwi esiyiyo, sifanele sithathe indawo yethu, akunandaba ukuthi iyini.

<sup>75</sup> Ngicabanga ngodadewethu omncane lapha esihlalweni esinamasondo, ngesinye isikhathi, mingaki imikhuleko ethembekileyo obewenziwa phezu kwakho. Manje-ke asiqondi, ngakho sikunikela nje kuNkulunkulu. Futhi ne...Uyimbali lapha phakathi kwenu, nokuthokozisa kwakhe nakho konke. Niyabo, ukuthi singasukuma bese sihamba hamba, ukuthi ubengakulangazelela kangakanani ukwenza lokho, kodwa nokho uyathokozisa ngendlela nje ahlala ngayo. Njalo ngithola ukuba nogqozi ukubhekisisa inenekazi elincane, niyabo, ngoba li...Sonke siyakholelwa ekuphiliseni. Simbonile uNkulunkulu enza izimangaliso ngaphambili le kwalokho, niyabo. Futhi liyakwazi lokho, nalo, niyabo, kodwa liyavuma ukuthatha indawo yalo.

<sup>76</sup> Niyabo, noma ngabe kuyini, yilokho esikufunayo. Futhi ngikholwa ukuthi kwakunguDavide, wathi, “Ngingaqoka ukuba ngudomethe endlini yeNkosi, kunokuhlala emathendeni nababi.” Niyabo, akunandaba ukuthi kuyini, “ngithathe indawo yami.”

<sup>77</sup> Ngezinye izikhathi ufanele wehlukane nayo yonke into ethandekayo emhlaben, kuwe, ukuba uthathe isikhundla sakho uNkulunkulu akubizele kuso. Ngineqiniso ningayifunda ivaliwe, engikushoyo. Niyabo? Ngezinye izikhathi yena impela umuntu othandeka ukwedlula bonke emhlaben, ufanele uxhawulane

nabo; nje uthathe isikhundla sakho kuKristu, ukuya lapho uNkulunkulu ekubizele khona. Niyabo? Kodwa wenzani uNkulunkulu na? Ekuguqula isimo kulokho owawuyikho. Mhlawumbe indodakazi noma indodana, kumbe noma ngabe kuyini, usuka emndenini othandekayo ngezinye izikhathi, Ukubeka kwenye indawo ethize. Ngoba, yindlela yaKhe yokukwenza, niyabo, ngokwenziwa ibentsha ingqondo yakho, ukuba ulalele iZwi likaNkulunkulu, kungakhathaleki ukuthi intengo iyini. Niyabo? Lezizinto azifiki... Akubizanga...

<sup>78</sup> Ukuhlengwa kwethu kwakungesiyo into eshibhile, kwakuyiNdodana kaNkulunkulu yadingeka isifele. Niyabo? Akusyo... Izinto zenani zivela entengweni enkulu.

<sup>79</sup> Ukuhletha loMlayezo, kwakungelula. Niyabo? Qhabo, akulula. Ngadingeka ngishiye yonke into eyayithandeka kimi, ngisho nabantu bami uqobo, wonk'umuntu. Kodwa uyabona ubunani bakho bu, niyabo, ngukwenza intando kaNkulunkulu. Futhi ukwenza lokho, ngokwazi ukuthi kukhona into ethize kimi, ngenkathi besavamise ukuba bathi... Awu, babezongixosa; bacabanga ukuthi ngangilahlekelwe yingqondo. "Ngibhaphathiza eGameni likaJesu Kristu, kuhambene nebandla. Nazo zonke lezizinto!" Bathi, "Uyahlanya." Kodwa, niyabo, akunandaba ukuthi bathini, kukhona into ethize efanele yenziwe. NoNkulunkulu uthatha umuntu nje, amnamathelise esandleni saKhe, futhi athi, "Yenza lokhu," futhi uyakwenza.

<sup>80</sup> Kufanele ukuthi kwakuyintengo engakanani kuPawulu oNgcwele; efundiswe phansi kukaGamaliyeli, uthisha omkhulu kunabo bonke wosuku. Futhi bayehla... Futhi yona impela into ayeyithatha ngokuthi ukweduka, izinto ayecabanga ukuthi kwakuyizinto ezimbi kakhulu ezazingenzeka ebandleni, uza ujikeleza ngqo futhi uba ngumhlanganyeli waKho. Into exakile! "Futhi uNkulunkulu usebenza kanjani ngezindlela ezimangalisayo, kwezixakile, izindlela eziyinqaba, ukwenza izimanga zaKhe."

<sup>81</sup> Ngenkathi uNkulunkulu esekukhulumile, Wayazi ukuthi iZwi laKhe laliyimbewu; belingaba, lalizoveza inhlobo yalo. Manje, yayalwa ukuba iveze kuphela inhlobo yayo, futhi njalo iyokwenza lokho uma umuntu engagxambukeli kuyo.

<sup>82</sup> Futhi lalizoba kanjalo iBandla likaNkulunkulu nakho konke okunye, liveze inhlobo njengoba lalinjalo ekuqaleni, ukuba osiyazi bezenkolo abagxambukelanga kuleloZwi, bezama ukuLibeka kwenye indawo ethize, noma enye into ethize. UNkulunkulu wayeLikhulumile. Futhi akunandaba ukuthi bangakwenza kanjani, bazama ukuLonakalisa futhi bagxambukele kuLo, kanjalonjalo, Lizoveza inhlobo yaLo. Ayikho nje into ezoLimisa.

<sup>83</sup> Ngiyethemba angizwakali sengathi ngiyaniklabalasela nonke. [UMfowethu Branham ulungisa umbhobho—Umhl.] Ngabe lokho kunomsindo kakhulu na? [Ibandla lithi, “Qhabo.”]

<sup>84</sup> Futhi, niyabo, manje sithola yonke into ingokohlelo. UNkulunkulu wakukhulum, futhi Wathi, “Makube-khona, makube-khona. Futhi makube-khona iEdene. Makube-khona izimbali ezinhle. Makube-khona indodana yaMi, ngomfanekiso waMi uQobo, ime laphaya ensimini yase-Edene, futhi ideole umlobokazi wayo ame eceleni kwayo.” O, kuhle kanjani, ukuthi lokho kwakuyini. NoBaba, WayenguBaba, niyabo, ngakho nakho kufika abantwana baKhe uQobo bevela. Futhi Wabenzela iparadesi. UNkulunkulu uyathanda ukwenzela abantwana baKhe izinto.

<sup>85</sup> Anikhumbuli ukuthi kukanjani, nina bomama, nokuthi kanjani akunandaba ukuthi kanjani; ukuba bekufanele uvumele etafuleni, uma uJunior ubedinga elihle ipheya lezicathulo azithandayo, u—ubuyokwenza, niyabo. Noma ngabe bekuyini, ukuba ubenzele okuthize abantwana bakho! Babayi, ukuthi ubuyosebenza kanjani kanzima ngokuthe xaxa, ukuba utholele abantwana okuthize. Niyabo?

<sup>86</sup> Awu, lokho nje kukhombisa ukuthi siphansi kude *lapha*, mzali. UnguMzali odlulele, niyabo, futhi kakhulu kangakanani! Akumangalisi umphostoli athi, “Iso alikubonanga, noma indlebe ayikuzwanga, kanjalo akungenanga enhliziyweni yomuntu, lokho uNkulunkulu anakho kwabo, okubekiweyo, abaMthandayo.” Ngeke nje sakumumatha engqondweni yethu, thina, ingqondo yethu ayifaneleki ukucabanga indlela efanele—efanele ukuthi uNkulunkulu ubekeni, kithina esiMthandayo. Niyabo, thina, ngingahlawumbisela ukuthi kuyoba yini, ngingacabanga ukuthi kuyoba yini, kodwa ngi—ngi... ingqondo yami ayi—ayi—ayikwazi ukucabanga ukuthi kukhulu kangakanani. Kungaphambili le kwalokho. Ungacabangela nje ukuthi iZulu liyoba njani lapho sonke siyoba lapho, futhi sibasha, futhi kungekho—sono na? Futhi kungekho... O, indawo enhle kanje pho! Kodwa, niyabo, kungaphambili le kwalokho. Niyabo, thina, ngeke kwangena ngisho enhliziyweni yomuntu, lokho uNkulunkulu anakho okwabo, akubekile. Wakukhuluma, futhi kuzoba njalo.

<sup>87</sup> Manje emva kwaso sonke lesisimiso esihle Ayenaso lapho, seyaKhe... Angiqondile ukukusho ngalelogama, isimiso, kodwa nje uhlobo olufana ne... Ngabe akakwenzi yini umama, ngaphambi kokufika komntwana, abakubizi yini lokho ngezingubo zengane esand’ukuzalwa na? Bathola i... onke amabhuzu amancane nayo yonke into isilungele, niyazi, ukufika nje kwalenxenyenye encane yothando uNkulunkulu ayithumelayo, ethola lokho.

<sup>88</sup> Yilokho uNkulunkulu akwenzela uAdamu noEva. Wadala lensimu yase-Edene. Wayekukhulumile. Kwakusengqondweni yaKhe. Futhi uma Ekusho, khona-ke kuzokwenzeka.

<sup>89</sup> Kukhumbulen i lokho manje. Akushoyo, kufanele kwenzeke! Niyabo, Akakwazi... Akukho okunga—okungakuvimbela, akukho okungakuvimba ukuba kwenzeke. Akukho lutho okungakuvimba ukuba kwenzeke. UNkulunkulu washo njalo, lokho kuyakuxazulula! UNkulunkulu wakusho, kuzokwenzeka.

<sup>90</sup> Manje Wayenakho konke lokhu engqondweni, futhi Wathi, “Makube-khona.” Manje, lowo nguGenesi 1, niyabo, “Makube-khona *lokhu*. Makube-khona *lokho*. Makube-khona.” Wayehlwanyela imbewu. “Makube *lapha*.” Makube *lapha*. Makube *lapha*. Futhi Wayazi ukuthi kwakuzoba ngaleyondlela, ngoba ngeke kwaguquka.

<sup>91</sup> Manje lokho kusinika ukukholwa, ke. Futhi uma Athi *Lapha*, kuzoba khona. Ngakho masivumele leyoMbewu iwele ezinhliziyweni zethu, ukuze sibe yimihlabathi yokukhulela imbewu yaLeyo, niyabo, ezinhliziyweni zethu. Futhi masiyisebenze lendawo Asifake kuyo, ngezinsuku zokugcina. Niyabo, “IMbewu mayiwele ezinhliziyweni zethu, Nkosi. IZwi laKho maliwele enhliziyweni yami.” Makungabikhokhongakholwa!

<sup>92</sup> NjengoAbrahama, ngenkathi eseyikhehla, kwakubukeka njengokungenakwenzeka. “Bazokwenza kanjani lokho na? Uzoba kanjani ngalendlela na?” Akazange akunake lokho. Wavele nje wemukela iZwi likaNkulunkulu, futhi waqhubekeka ekukholwa, noNkulunkulu wakwenzeka kwafezekwa. Manje, uNkulunkulu wayesho zonke lezizinto, ngakho wayazi ukuthi kwakuzoba njalo. Futhi kwenza. Waveza inhlobo yakho.

<sup>93</sup> Manje njengoba Wayeseguqule isimo ngaleyonkathi, yonke imbewu esidalweni esiphilayo nokudaliweyo ukuthi kwakufanele kube-khona, yaphuma njengoba nje Ayethe iyophuma. Wathi, “Makube-khona.” Mhlawumbe amakhulu ngamakhulu eminyaka edlula, kodwa lapha sikuthola kuyiEdene elihle, nezinyoni ezinkulu zindiza. Lezozinyoni zazingafi. Impisi newundlu kwakudla ndawonye, nengonyama, ingwe nenkabi. Futhi kwakungekho-kubulala, kungekho-kufa, kungekho-kudabuka. Futhi kwakukhona uAdamu noEva, behamba ensimini yase-Edene. Yonke imbewu iveza, akukho neze okunye eyayingakwenza. Akukho neze okunye eyayingakwenza, ngoba uNkulunkulu wathi, “Makube ngaleyondlela.” Kwakufanele kube ngaleyondlela.

<sup>94</sup> O, ngingathanda kanjani ukuma lapha umzuzu nje, ukuba ngisho, niyabo, yilapho esibhekene, namanje, ukupheleliswa kwaleloZwi.

<sup>95</sup> Manje uNkulunkulu wathi, “Makube-khona.” Futhi nakhu kuyaphuma, kuqala, ngokuphelele, kuyikho impela nje. Manje,

*lesi* isihlahla singaveza kuphela lesosihlahla. *Lesi* isihlahla singaveza kuphela lesisihlahla. Futhi uAdamu, indodana kaNkulunkulu, angaveza kuphela indodana kaNkulunkulu. Niyabo, niyakuthola engiqonde ukukusho na? Yiyo yonke into ngenhlobo yayo, futhi ngakho uNkulunkulu wakwazi ukuthi athi, "Awu, Ngizovele ngiphumule nje manje."

<sup>96</sup> Futhi niqaphelile yini, kwakungamazwi ambalwa kabi uNkulunkulu ake awakhuluma, eqinisweni, kusukela ngalesosikhathi kuqhubeke? Wakunikela, emva kokuwa, kubaprofethi baKhe, futhi baveza iZwi manje, niyabo. UNkulunkulu waphumula, Wayengasenakho okunye angakwenza. Bavele baye ekomkhulu laKhe nje bese bengqongqotha emnyango, bathi, "Baba, kuyini na?" Futhi Uthumela iZwi phansi ngabo. Niyabo, Unenqubo, nendlela yokwenza lezozinto.

<sup>97</sup> "Makube nje..." Futhi yileyondlela okwakungayo, yonke into, okwembewu yayo iveza inhlobo yayo. Manje ngenkathi yonke into isibukeka iyinhle kakhulu, nayo yonke into ifezeka kulokho nje uNkulunkulu ayekushilo, manje nakhu kufika leyombicimbici, umkhohlisi ongcolile.

<sup>98</sup> Manje yilokho engizama ukunexwayisa ngakho nonke lapha. Uma nibona iMbewu kaNkulunkulu iqala ukubambelela, ukuba ikhule, qaphelani lowomfo engena enokuhlakanipha ngakho konke angakwenza, ucaphuna umBhalo nje kulowo owayengeke abanakho, niyabo. Mbhekisiseni, ngoba ungumkhohlisi.

<sup>99</sup> Ngizokubiza ngokuthi, esikhundleni som—mlingisi, ngokulingisa, ungumkhubazi, ukhubaza izinto elingisile. Ungumkhubazi, futhi, yena, umkhubazi, noma umphendukezelisi, noma umonakalisi weMbewu yasekuqaleni nohlelo lwasekuqaleni.

<sup>100</sup> Manje niyabona lapha, njengaseqenjini lenu lapha kulokhu ukusa, ninohlelo, ninombono. Manje mqapheleni lowomonakalisi, o, uyoba nobuqili futhi ahlakaniphe ngakho konke angakwenza, niyabo. Kodwa gcina umbono wakho, mfana. Uyabo, yiba ulokhu ubambelele kulokho.

<sup>101</sup> Manje futhi siyatola ukuthi, ngenkathi engena, wakhubaza leyombewu. Futhi wayonakalisa leyombewu ngokungena emihlabathini yokukhulela izimbewu, okwabe kunguEva, futhi onakalisa leyombewu, ngembewu enokonakala, ngaphambhi kokuba ifinyelele lapho, ukonakalisa leyonsimu enhle yase-Edene.

<sup>102</sup> Lapho—lapho, iZulu, into kuphela lokho okuyiyo, ngukubuyisela nje. Lapho esikhona manje, sisendleleni yethu sibuyela kulokho kuqala kwasekuqaleni kokudaliweyo kukaNkulunkulu, sibuyela ensimini yase-Edene futhi; indoda nomfazi, kungekho—kungekho—kho sono noma yini, ukuba siphile Phakade. Kodwa i—itran-...i...

<sup>103</sup> Manje, manje Ufuna siguqule isimo izingqondo zethu, ngokwenziwa ibentsha; noma siguqulwe isimo, siguqulwe isimo ngokwenziwa zibentsha izingqondo zethu—zethu.

<sup>104</sup> Manje uSathane uyangena futhi ufaka ukukhubaza eZwini, eLenza lisho into eLingesyo. Manje yilokho akwenza ekuqaleni. Futhi manje qaphelani, lokhu kuzozwakala kuxake kabi kulokhu ukusa, ku—kubantu, uma ngingami futhi ngesekele kakhulu umcabango lapha ngaphambi kokuba ngifinyelele emcabangweni wami ovamileyo ebengifuna uku—ukuwufinyelelisa kini. Yilokhu, ukuthi, umkhubazi wangena; futhi njengoba uNkulunkulu wayethathe iminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha ngeZwi lasekuqaleni, ukuveza lonke izwi lenhlobo yalo, nakho konke Akwenzayo kwakuyoba yiZwi likaNkulunkulu uQobo liveza inhlobo yalo, manje umkhubazi uthathe iminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha, nokukhubaza leloZwi likaNkulunkulu. Futhi wenzeni na? Uzilethe yena ohlobweni olusha lwe-Edene, iEdene likaSathane. Siphila lapho-ke namhlanje.

<sup>105</sup> Wakwenza kanjani lokho na? Kwakungenzeka kanjani na? Manje inxenye ethusayo ngukuthi wakwenza kanjani. Futhi yilapho esifanele si, engikuzele lapha, ukwendlala lokhu phambi kwenu, ukuze nitadishe ngakho manje, nanabafowethu lapha, kanjalonjalo, emavikini ezayo, ukuze nibone ukuthi uSathane wakwenza kanjani lokhu. Futhi nibhekisise ukuthi unobuqili bokuhlakanipha kanjani, nokuthi unobuqili kanjani.

<sup>106</sup> Manje, wakhubaza lezizimbewu. Manje, wayengeke azibhubhisa, wavele wazikhubaza nje. Manje siyaqonda ukuthi isono singukulunga kuperhendukezelwe. Nje a—amanga ayiqiniso elibekwe laphendukezelwa. Niyabo, noma yini. Ukuphinga yisenzo esifanele, uNkulunkulu asigecobayo, nje esithathwe ngendlela engafanele. Niyabo, noma yini. Nokuфа ngukuperhendukezelwa kokuphila. Ukufa nje kuyathatha, niyabo, kukhubaza ukuphila.

<sup>107</sup> Manje waba neminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha ukukwenza nesifutho sakhe sikaphoyizeni. Futhi wakwenza kanjani na? Manje lena yinxenye eyethusayo. Futhi lalelisisan manje. Wakwenza ngempucuko. Manje lokho kuzwakala kuxakile, kodwa kuyilokho. Ngizokwenza isitativende lapha esizonenza nilokhu niqagela, mhlawumbe, imizuzu embalwa; ngethemba ukuthi ngeke. Kodwa nikuqondile yini lokhu na? Manje angizami ukwesekela ukungazi. Kodwa benazi yini ukuthi impucuko, isayense, imfundu, nezinto esizithatha ngamagugu kakhulu namuhl, yiloni impela ithuluzi likaSathane, ngisho nempucuko na? Impucuko ayifiki neze ngoNkulunkulu. Impucuko ifika ngoSathane. Manje ngizokufakazisa lokho kini ngeZwi, emizuzwini embalwa nje.

<sup>108</sup> Impucuko ayisiyo ekaNkulunkulu. Ngokuba, ake nginikhombise; kulempucuko, uma sithola ukuphucuka kakhulu lapho sisebenza ngesayense, njalo sizibulala thina. Niyabo? Nalempucuko seyakhe yaze yenyukela esiqongweni manje, futhi sinokufa kulempucuko. Sinesono kulempucuko. Sinokugula kulempucuko. Lokho ngeke kwaba ngokukaNkulunkulu.

<sup>109</sup> Ngakho, uNkulunkulu, eMil... OwaKhe omkhulu, uMbuso omkhulu uQobo ozayo, siyoba nempucuko, kodwa ayiyikuba noma yini efana nalokhu. Ingeke ibe ngesayense. Iyoba yimpucuko yokukholwa, ngeZwi. Niyabo?

<sup>110</sup> Lempucuko yesayense esinayo, ilugibe lukaSathane impela, futhi yilokho abulale abantu ngakho. Yilokho esibulala, nsuku zonke, ngakho. Kukanjalo, njengoba sidla, usuku nosuku; esikhundleni sokuphila, siyafa. Baphendukezele yonke into kakhulu, ngisho nokuthatha nje okungaka kwa *lokhu* futhi kuxutshwe na *lokhu*, nokubhastelisa *lokhu* na *lokho*, *lokho*, sekuze kungukufa. Yisintu esifayo. Futhi akunandaba ukuthi uzama ukwenzani, uyafa.

<sup>111</sup> Nisibonile lesithombe izolo ebusuku, salawoma-Afrika. Niyazi ukuthi yingani... Awakaze abe nesivimbela-magciwane. Labobantu baphila isikhathi eside kunoma siphila. Abazi ngisho nokuthi ba... Amagciwane awabakhathazi. Niyabo, ngani, igciwane lingaphakamisa isandla salo futhi lizinikele kubo. Niyabo? Ngoba yena, niyabo, aka, u... Abanjalo. Ngani na? Abakaze bonke... Niyabo, sizothatha, isayense ukuyicabanga, njengesivimbela-magciwane noma yinto ethize abayoyifaka kithi, uku—ukukhipha lesisifo, futhi kudiliza enye into ethize, futhi kwenze umhlabathi wokukhulela enye into ethize. Niyabo? Manje, akakwenzi lokho. Niyabo?

<sup>112</sup> Manje noma ubani, abaningi benu bantu nivela emaplazini. Noma ubani uyazi ukuthi isithombo esiphile kahle asidingi neze ukufuthwa. Sinoku—kuxosha okukuso uqobo, kokuphila, negciwane ngeke lize ngisho lifinyelele kuso, kwesangempela—kwesangempela isithombo esiphilile. Yilesisithombo esifikwa esidlekeni, yilesisithombo esibhasteliwe ofanele usitotose!

<sup>113</sup> Isibonelo nje, abanye benu bafo lapha bangabaseNtshonalanga lapha. Bukan emuva ngezinsuku zenkomazi endala empondo zinde. Namhlanje nithi ninenyama yenkomomo engcono ngeHereford yenu—yenu. Ninayo na? Aninayo. Leyonkomazi endala empondo zinde, ngingasukeli intombazane endala, kodwa yayikwazi, yayiphila ubusika bonke lapha njengenyamazane idiyie. O, yayimathambo nakho konke, kodwa yayiphindwe kabil... .

<sup>114</sup> LeHereford, udonsa ifolishi phansi kwayo, uma uyishutha isithombe, kuze kuyofika esiswini sayo, cishe, ukukhombisa inyama yayo kuya eqakaleni. Futhi kuyini na? Idedele phandle lapho, yayingafa. Yayingeke iphile ubusika ukuba

yayingadingeka. Ufanele uyifide, nakho konke okunye, ukuyinakekela, ulokhu uytotosa. Iyibhastela. Niyabo? Kodwa eyangempela, empondo zinde endala yangokoqobo, idedele nje.

<sup>115</sup> Kungaleyondela namhlanje ngamaKristu akithi. Sinamaningi kakhulu esifanele siwatoboze, ukuba siwancenge, siwabeke, siwenze idikoni ebandleni, siwambambathe ehломбе, futhi silenzele isikhundla esithize esikhulu ebandleni. Noma, uma ungakwenzi, ngani, lona, lingeke li—lingeke lingene, uma ungamvumeli *lona* enze lokhu, na *lona* enze *lokho*. Kungukutotosa.

<sup>116</sup> Wawungathini nje amaKristu angokoqobo eyilokho na? Ayemahlikihliki. Ayeyizidlakela. Wawungathini nje uPawulu oNgeweleyi eyilohlobo lomKristu, wawungathini nje uPetru oNgeweleyi, “Engukuthi manje—manje, uma ungangenzi umbonisi omkhulu, awu, angazi, ngingahle ngyiojoyina *uS'bani-bani*”? Babeyindoda emahlikihliki. Babengamadoda okukholwa. Babehlala noNkulunkulu. Babehamba noNkulunkulu. Babengamadoda amazwi ambalwa. Babemkhonza uNkulunkulu, ubusuku nemini, njalonjalo. Wawungadingi ukubafutha futhi ubatotose, futhi uthi uzobanika *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*. Babeyindoda, emahlikihliki! Babeyizimbewu zangokoqobo, bengabhasteliwe emahlelweni.

<sup>117</sup> “Uma nina, maMethodisti ningangiphathi kahle, ngizoya kumaBaptisti. AmaBaptisti awangiphathi kahle, ngizoya kumaPentecostal. Uma engangiphathi kahle, ngizobuyela kumaKatolika, kumbe noma ngabe yini okunye.” Niyabo, bona, ngukubhastela, kufanele ubagcine befuthiwe, “Yebo, Dokotela Mfundisi ohloniphekile Mfowethu *S'bani-bani*.” Lobo akusibo ubuKristu.

<sup>118</sup> UbuKristu abuceli—celi ziqu, abuceli kusizwa. Bazi uNkulunkulu kuphela. Buyimbewu yasekuqaleni. Buthanda uNkulunkulu, futhi buyathandana. Akukho-kufuthwa kubo, nokubatotosa, nokulokhu ubambambatha, futhi uthi, “Yebo, awu, lodadewethu, awu, ngicabanga ukuthi kulungile kuye ukuba abe nezinwele ezimfishane, nalona angabi nazo.” Futhi—futhi, ayikho into enjengaleyo, futhi babayekele bedlule na *lokhu*. A—amahlikihliki, yiVangeli! Leneke phandle lapho, malehlele lapho elizokwehlala khona. AmaKristu ayalithanda.

Ngifanele ngithwalwe ngiyiswe eKhaya, ngiye  
eZulwini,  
Ngombhede ohlotshiswe ngezimbali  
onofonofo,  
Kanti abanye balwa ukuze bazuze umklomelo  
Futhi bantweza bedabula izilwandle ezinegazi  
na?

<sup>119</sup> Ngifanele ngimbambathwe emhlane, na *lokhu*, *lokho*, *nokunye*, futhi ngitotoswe na? Ngibheke ukuba indawo yami phandle ngaleya kanye nabamahlikihliki. Angibhekile ukufika phezulu lapho ngingenazibazi zomkulomelo nhlobo.

Uma ngifanele ngilwe, uma ngifanele ngibuse,  
yandisa isibindi sami, Nkosi!

<sup>120</sup> Niyabo, mangime njengomKristu. Ngingabi yi—yisithombo esibhasteliwe. Ngifanele ngiphathiswe okwengane futhi ngitotoswe, futhi ngingeniswe entweni ethize. Awungeniswa empeleni, ubuKristu, uyzalwa kubo. Uba yisidalwa esisha, uyimbewu kaNkulunkulu, eza ingene emhlabathini.

<sup>121</sup> Manje, manje sithola ukuthi wafutha lesisifutho sophoyizeni, nalesosifutho sasiyisifutho sokuqonda kwesimodeni, imfundo, isayense, nempucuko, zona impela izinto esizithatha ngegugu kakhulu. Senake nama ukuba nicabange ukuthi isitha sethu esikhulu, empilweni yethu yemvelo namhlanje phakathi kwezizwe, ngubukhomanisi na? Yini unkulunkulu wobukhomanisi na? Impucuko, nemfundo, isayense. Kunjalo, akusibo na? Yilokho abaphila ngakho nabahluma ngakho, kwisayense, okwesayense, amasayense, unkulunkulu wesayense. Manje benizovele nje...nangesifutho sikaphoyizeni walempucuko yesimodeni, isayense nemfundo.

<sup>122</sup> Manje angifikazise kini ukuthi imfundo nempucuko ivela kuDeveli. Manje asiphenye emuva lapha futhi sibone, uma nikufuna, kuGenesi, isahluko 4. Kulungile, manje asiqale ngevesi 16 likaGenesi 4. Ishumi nane lapha noma...uGenesi 4, ngiyaxolisa. Manje qaphelani uSathane.

<sup>123</sup> Ninabantu enilandela lamateyipu, nabafowethu—wethu lapha, manje ningizwile ngishumayela nge*Nzalo yeNyoka*. Nalokho kungephikwe. Lokho kwavulwa kolunye lwalezoziMpawu eziyisiKhombisa. Kwakufihliwe.

<sup>124</sup> Manje uma abantwana ekhule phansi kwalolohlobo, niyabo, phansi kwalokho kufundisa, babenjalo-ke abazali babo, banemvelo yabazali babo, amahlelo abo, kanjalonjalo, bafanele bakukholwe lokho. Niyabo, bayakukholwa lokho ngoba bazalwa phansi kwalowomzali; uMzali wethu yiZwi. NeZwi... “Awu,” uthi, “Ngazalwa phansi kukaNkulunkulu, nami.” Okwalowonyaka. Kodwa lona ngunyaka wovuthwondaba, lona ngunyaka ongaphambili le kwalawomahlelo.

<sup>125</sup> Kwafanele ivele, ifanele ivele; uNkulunkulu wakumisa kanjalo, ukuthi kufanele kuvele, lezoziMpawu eziyisiKhombisa zifanele zivulwe. Kwakufanele kwensiwe kulonyaka waseLawodikeya. Futhi ngicabanga ukuthi, ngale kwanoma yiliphi ithunzi lokungabaza...Hhayi njengoba siqhosha; asinakuqhosha, kuphela ngoJesu Kristu; akukho namunye wethu. Kuphela siqhosha ngoJesu Kristu. Kodwa siyabonga

nge... ngenhlanhla yokwazi nganoma yini... ngaleya kwanoma yiliphi ithunzi lokungabaza, uNkulunkulu usikhethile ngalolu izinsuku zokugcina, futhi ukufakazisile ngezibonakaliso emaZulwini nasemhlaben; nazozonke ziza zibuyela ngqo eZwini, ukufakazisa ukuthi kunjalo, lonyaka esiphila kuwo, uMlayezo nokuthi Unjani. Asisiyo inkoloze. Asisiso isigejane sezinhlanya. Siyizinceku zikaNkulunkulu, ebizwe nguMoya oNgewe. Nizoba nazo zonke izinhlobo zamagama aqhaselwe kini, kodwa lokho akusho ukuthi kunjalo.

<sup>126</sup> Manje khumbulani, indodana kaSathane kwakunguKayini. Manje ngicabanga ukuthi nonke nedlulile kuwo onke amateyipu, okungukuthi, ngiyazibona izindlu zenu zokugcina amabhuku phandle lapha, zabo. Manje khumbulani ukuthi uEva uba ngokhuleliswa nguSathane, nasosukwini olufanayo... Sinalo udaba lwakho eTucson manje, ukuthi owesifazane, uma eba... uhlala nendoda amabili, angaba nohlobo olubili olwehlukene lwabantwana. Siyakwazi lokho. Ngakwazi ekuzalaniseni izinja nezinto, kanjalonjalo, uma kungaso lesosikhathi.

<sup>127</sup> Ngakho uSathane, ngalokho kusa mhlampe, wahlangana nalona omubi, okwakuyinyoka; hhayi isilwane esihuquzelayo, kodwa isilwane; esinobuqili kakhulu, esihlakaniphe ngobuqili, esikhophile, kunazo zonke izilwane, singaphansi komuntu nje. Nomuntu uysisilwane, uqobo lwakhe, futhi si-siyisilwane esincelisayo, isilwane esinegazi elifudumele.

<sup>128</sup> Futhi—futhi uSathane wayeyisihlanganiso esilandelayo lapha, lenyoka, yayiyinto elandelayo kumuntu, ukusuka kwinkawu enkulu ishimpanzi, imi phakathi komuntu ne—nenkawu enkulu ishimpanzi. Manje isayense ifuna lesosihlanganiso esilahlekile. Futhi sifihlakele kakhulu ngokuyithatha uyejhise, futhi akukho ngisho nethambo kuyo elibukeka njengomuntu, niyabo, ukuyenza isilwane esihuquzelayo.

<sup>129</sup> Manje siyathola manje, ukuthi, lomfo wathola uEva ensimimi yase-Edene, lentombi eyayingazi-sono, yayingazi ukuthi ukuhambazé kwayo kwakuyini. Futhi wayazi. Wayekhaliphile, enobuqili, ehlakaniphile. Futhi wamtshela, “Imbewu, i—isithelo sasibukeka futhi sinxanelekile,” futhi ngenkathi ehlale nayo ngalokho kusa.

<sup>130</sup> Kwase kuthi-ke, niyabo, manje-ke, ntambama, wancenga uAdamu ukuba enze into efanayo, emtshela ukuthi kwakuyini.

<sup>131</sup> Kwase kuthi-ke uAdamu ngamabomu, azi ukuthi wayengafanele ukuba akwenze, waphuma wahamba nomkakhe wayesenzo lexisenzo. Okungukuthi, ekugcineni wayezofika kuso empeleni. Kodwa, niyabo, kwakufanele kube ngaleyondlela, ukuhlakanipha kukaNkulunkulu, ngoba lokhu-ke, lokho, kuveza obala inxenyé yaKhe engehlukaniseki ukuba abe nguMsindisi, uBaba, uMphilisi. Ningizwile

ngishumayela ngalokho, niyabo. Manje ukuba lokho kwakukade kungenziwanga . . .

<sup>132</sup> Wavele wabayekela lapho nje ekubeni bazikhetheli, ukubayeka benze. Wayengeke abenze bakwenze, futhi abe esalokhu enobulungiswa. Kodwa Wayengababeka balingane naYe, nokuzikhethela, bese-ke ebayekela bazenzele ngesingabo. Futhi Wayazi ukuthi babezokwenza.

<sup>133</sup> Futhi ngakho manje-ke, niyabo, manje-ke ngenkathi uAdamu esehlale naye, wazala amawele. Nelinye lawo lalingelikaSathane; nelinye lawo lalingelika-Adamu, owayengokaNkulunkulu. UKayini noAbela.

<sup>134</sup> Nalokho kuyenzeka. Sinalo udaba lapho eTucson manje. U—umlungu wesifazane wahlala nendoda yakhe ngokunye ukusa, futhi ngaleyontambama wahlala neNigro. Nomunye wabafanyana . . . Kwabakhona abafanyana ababili ozalwayo. Omunye wabo kwakuyiNigro elincane elinekhanda elisafindo, nomunye u—ungumfanyana onekhanda elinezinwele ezimhlophe, emuhle ngempela. Futhi—futhi, cabangani manje, uzama ukwenza ubaba omhlophe ukuba anakekele abantwana bobabili. Wayesethi, “Ngizonakekela owami uqobo, kodwa hhayi owalo. Indoda yeNigro mayinakekele umntswana wayo uqobo.” Ngakho, niyabo, kuqinisile.

<sup>135</sup> Kuhlala njalo kukhona amawele. Futhi yingalesosizathu . . . Ningakukhohlwa lokhu, mhlambi omncane. Ibandla ngezinsuku zokugcina lizoba ngamawele, “asondelane kakhulu ngangokuthi liyodukisa abaKhethiweyo . . .” UMathewu 24:24, niyabo. Ibandla lizo . . . Ngumnyakazo wePentecostal. Lifana kakhulu nento yangempela, liyoze lidukise nabaKhethiweyo uma kwakunokwenzeka. Futhi kamuvanyana, uma ngithola ithuba, ngifuna ukuchaza ini, ukuthi lolokhetho lufika kanjani. Niyabo, lizobadukisa ngoba licishe lifane impela nento efanayo. Niyabo, obaba ababili nje, yilokho kuphela; umama ofanayo, ibandla elifanayo, inhlangano efanayo, into efanayo. Umhlabathi wokukhulela uyafana, lapho iZwi liwela khona; kodwa elinye lawo, njengalapha, liphendukezelwe. Niyaqonda na? Thanini “amen” uma nibonile. [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyabo, elinye lawo yimpendukezelo, ngoba ngubaba ongafanele. Okungukuthi, ngiyofakazisa ngelinye ilanga, uma uNkulunkulu ezongivumela, ukuthi ihlelo liwuphawu lwesilo. Niyabo, ngubaba ongafanele, ugovuza abantu baye enhlanganweni esikhundleni sokuba baye eZwini. Niyabo, ngubaba ongafanele. Ngumnyakazo kaKayini.

<sup>136</sup> Uma sengifika ekhaya ngalesikhathi, ngishumayela ngendaba ethi, *UMzila WeNyoka*; isilwane ekuqaleni, nesilwane ekugcineni; futhi silandele umzila wayo ngqo eBhayibhelini, futhi sibone ukuthi iphethelaphi. Niyabo? Nani nonke nikuthole lokho kutefoni, niyabo, uma iNkosi isivumela ukuba sikwenze.

Futhi manje bhekisisani nje ukuthi lowomfo uhlakaniphe ngobuqili kanjani, ukuthi kanjani nje ukuthi impela nje... Awu, bafana nje noJuda noJesu lapho, bobabili bengabafowabo esizweni sakubo, njengoEsawu noJakobe nje. Na—nanjenge—ngegwababa nejuba, kuhlezi othini olufanayo. Nayo yonke into yiwele, ku—kulokhu ukulwa impi okukhulu esikukho.

<sup>137</sup> Isitha sisebenzisa ukukhohlisa, njengoba senza kuEva, “O, uNkulunkulu ushilo yini na? Impela, kodwa—kodwa impela . . .” Niyabo?

<sup>138</sup> Niyabo, ezama ukudlinza ngaphambili le kwalokho uNkulunkulu ayekushilo ngokwasekuqaleni, “Uyakufa!”

<sup>139</sup> Wathi, “Yebo, uNkulunkulu ukushilo Lokho, kodwa ngempela . . .” Niyasibona lesosifutho phezu kwakho na? Niyabo? Kodwa uNkulunkulu akushoyo, uNkulunkulu uyakugcina, Akadingi-sizo oluvela kuSathane. UyaKugcina. Ngakho, ningalokothi nikoholiswe yilokho. Manje siyaqaphela, ke, ukuthi yaveza inhlobo yayo. Manje kuGenesisi lapha, siyathola, emva kokufuthwa kwalophoyizeni wokwazi.

<sup>140</sup> Manje, isayense ingukwazi. Futhi konke esikuzwayo yisayense, isayense, isayense, isayense, indaba enkulu esikoleni, isayense! Namhlanje, imoto engcono, *lokhu* okungcono, ikhaya elingcono, indlu engcono, *lokhu* okungcono *lokho* okungcono. Senzani na? Siyafa, ngaso sonke isikhathi. Sadala imoto, siyayeka ukuhamba phansi, siyeka ukuhamba phansi, besingajika siqekethe. Awu, asisenayo indoda; sinetheketheke. Kunjalo.

<sup>141</sup> Nowesifazane, konke akwenzayo, ujikijela izingubo, beseke [UMfowethu Branham uqhwabaza into ethize—Umhl.] acindezele inkinobho, nakho. Kanti, umama wakho wayevamise ukuhamba aye emthonjeni, futhi athwale amanzi, futhi akabhe izinkuni, futhi abilise ngeketela ndawondawo, futhi—futhi alungise izingubo zakhe kanjalo. Futhi sesithambe kakhulu, uma bebengakwenza, bekungasibulala. Kodwa, akukho esingakwenza, lona ngunyaka esiphila kuwo.

<sup>142</sup> Ngisho nesayense iyasho manje, ukuthi, “Amantombazane amancane eza ekunqamukeni ukuya esikhathini, abesifazane abasha phakathi kweminyaka engamashumi amabili namashumi amabili-nanhlanu ubudala.” Ngidibane nabo emgqeni ngqo. “Nezinsizwa ziya ebudaleni obuphakathi nendawo, phakathi kweminyaka engamashumi amabili namashumi amabili-nanhlanu ubudala.” Umama wami... Umkami waya, cishe enamashumi amathathu-nanhlanu kuya emashumini amane. Umama wami waya, kusukela emashumini amane-nanhlanu kuya emashumini amahlanu. Niyabona ukuthi baphupha kanjani ngalolu izinsuku zokugcina. Ngoba ngani na? Sisebenza kakhulu ngesayense.

<sup>143</sup> Eminyakeni eyikhulu namashumi amahlanu eyadlula, ukuhamba kuphela umuntu ayenakho kwakungehashi noma ngonyawo. Futhi manje usehamba ngephanoyi ijeti, cishe impela ngomcabango. Niyabo, isayense ikwenzile, nalokho ngokukaDeveli. Manje wena uthi, “Kunjalo, Mfowethu Branham na?” Yebo, mnumzane.

<sup>144</sup> Asithathe uGenesisi manje, 4.

*Wayesesuka uKayini ebusweni beNkosi, . . .*

<sup>145</sup> Manje bhekisisani into yokuqala ayenzile. (Ningitshele uma nicabanga ukuthi sinokwenele lapha, ngoba ngizoma njekulokho noma kuphi.) Niyabo, “UKayini wasuka eBusweni beNkosi.” Lapho wenza khona iphutha lakhe. Futhi yilapho eniyokwenza khona iphutha, futhi lapho yilapho engiyokwenza khona iphutha, ngawo impela umzuzu esisuka ngawo eBusweni bukaNkulunkulu.

*. . . wayesesuka uKayini ebusweni beNkosi, wahlala  
ezweni laseNodi, ngasempumalanga kwase-Edene.*

<sup>146</sup> Niyabona ukuthi kwakunenkolo kanjani, wahamba wajikeleza waya ngasohlangothini lwase “Mpumalanga,” ohlangothini lwaseMpumalanga.

*UKayini wamazi umkakhe; wakhulelw, wazala  
uEnoke: uEnoke wakha umuzi, (niyabo, impucuko),  
wakha umuzi, wawuqamba umuzi igama lokuthi,  
uEnoke, ngegama lendodana yakhe.*

*UEnoke wazala uIrade: uIrade be- . . . uIrade be- . . .  
[Akuqoshwanga eteypini—Umhl.]*

*. . . wazithathela abafazi ababili: igama lomunye  
lalinguAda, igama lomunye lalinguZila.*

*UAda wazala uJabale: futhi . . . yise waba behlala  
emathendeni, e fuya izinkomo.*

*Igama lomfowabo lalinguJubale: (Ngiqagele, uJ-  
u-b-a-l-e) waba-nguyise . . . ababetha amahabhu  
nemitshingo. (Niyabo, umnyuziki; isayense, niyabo,  
ingen.)*

*UZila, wazala uThubali-kayini, wayengumkhandi  
wazo zonke izinto zethusi nezensimbi e-z-i-s-i-k-a-y-o:  
(ngamany’amazwi, uhlobo lokubumba, ekuhlanganisa  
ndawonye), udadewabo kaThubali- . . . Thubali-kayini  
wayenguNahama.*

*ULameka wathi kubo abafazi bakhe, Ada noZila,  
Yizwani izwi lami; nina-bafazi bakaLameka, lalelani  
ukusho kwami: bhekani ngibulele umuntu ngenxeba  
engilitholayo, nensizwa ngomvimbengiwuzwiswayo.*

*Uma uKayini eyakuphindiselwa kasikhombisa,  
kepha uLameka kamashumi ayisikhombisa aphindwe  
kazikhombisa, noma kasikhombisa.*

<sup>147</sup> Manje qaphelani, bathi nje bangasuka eBusweni beNkosi, baqala ukwakha imizi, baqala ukwenza izinto ezikhalayo; baqala kwisayense, ukwenza ithusi nensimbi, no—nokudlala umnyuziki, kanjalonjalo. Niyabo? Niyabo? Manje kwavelaphi na? Ubani owasukayo na? UKayini, inzalo yenyoka. Niyakuqonda na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] UKayini wasuka. Futhi, qaphelani, wasuka eBusweni beNkosi, wayeseqala ukusebenza ngesayense.

<sup>148</sup> Manje bukani lapho esalokhu esebenza khona, niyabo: isayense, imfundu, imizi, isikompiro. KungokukaDeveli. Ubani owakuqalayo na? UDeveli. Kungokukabani namhlanje na? UDeveli. Amabhomu ama atomu nezinto, ukusibhubhisa ngawo. Siphila kukho. Sifanele siphile lapha. Singumuntu, sifanele sihlale lapha. Kodwa impucuko kaNkulunkulu enkulu ingeke ibe nanoma yikuphi kwalokho kuyo. Niyabo? Futhi isayense ithatha—ithatha izinto zemvelo bese ikuphendukezelu ukwenza izinto eyayingahloselwe ukuyenza.

<sup>149</sup> Futhi injalo nenkolo yesayense! Ithatha iZwi likaNkulunkulu bese yenza inhlangano ngalo, esikhundleni sokwenza izinto elifanele ukuyenza.

Bathi, “Izinsuku zezimangaliso selwedlula.”

IBhayibheli lathi, “Nguyena izolo, namuhla, naphakade.”

“Ayikho into okuthiya ukuphilisa ngokukaNkulunkulu.”

<sup>150</sup> “Hambani niye ezweni lonke, futhi nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakhholwayo: NgeGama laMi bayakukhipha amademoni; bayokhuluma ngezilimi ezintsha; uma bephatha izinyoka, noma baphuze okubulalayo, akuyikubalimaza; uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda.” Ini? Manje-ke, zonke izizwe, wonk’umuntu, konke okudaliweyo! “Bhekani, Mina ngingani, kuze kube sekupheleni komhlaba, ukuphela kwe—kwesimiso sezwe, yonke into, ukuphela kokuphelelisa.” Ukhona ngokoqobo!

<sup>151</sup> Futhi manje, niyabo, bathatha isayense, bese bethi, “O, awu, inqobo nje uma sihlangana ndawonye futhi sijoyine ibandla, bese siba yi *lokhu*, noma elihle ilunga eliqondile. Sikhokha eyethu...”

<sup>152</sup> Niyabo, aku—kusikho ukuthi, “O, ayikho into okuthiya nguNkulunkulu.” Niyizwile iteyipu yami ngokristu bamanga ngezinsuku zokugcina. Niyabo, hhayi oJesus bamanga (uSathane wayazi kangcono kunalokho, niyabo), kodwa ngokristu bamanga. *Kristu* kusho “ogcotshiweyo.” Futhi eqinisweni

bagcotshiwe, bagcotshwe ngo (ini?) Moya oNgcwele, ukwenza izibonakaliso nezimanga. Futhi bayakwenza.

<sup>153</sup> Kodwa, niyabo, uma sekwehla manje, sisonyakeni wokugcina, hhayi emuva onyakeni wePentecostal lapho. Singapha onyakeni wokugcina. Nonyaka wokuqala waqala neZwi, elalinguKristu. Nonyaka wokugcina uzofanele uphele neZwi, elinguKristu. Nalezi ezinye izinto, lamakhoba kanjalonjalo, njengoba ngichazile, ngabathwali nje beZwi, ukufeza inhoso yalo lize Lingene emumweni ogcwele, niyabo, kwalokho uhlamvu lwasekuqaleni olwaluyikho.

<sup>154</sup> Manje ivesi 25.

*UAdamu wabuye wamazi umkakhe; wazala indodana,  
wamqamba igama lokuthi uSeti: ethi, UNkulunkulu,  
ungibekele enye inzalo esikhundleni sikaAbela,  
njengokuba uKayini umbulele.*

*Naye uSeti...Naye uSeti, wazala indodana;  
wayiqamba igama layo ngokuthi uEnoshe: futhi  
ngaleyonkathi abantu baqala ukukhuleka egameni  
leNkosi.*

<sup>155</sup> Niyabona ukuthi leyonzalo yenyoka yasuka kanjani yangena kwisayanse, imfundu, imizi, nomnyuziki, nezinto ezinkulu, nemfundu, nesayense, kanjalonjalo.

<sup>156</sup> Kodwa inzalo yolungileyo, eyabe ingu...Niyabo, uEva wayengenayo inzalo. Niyakwazi lokho. Owesifazane akanayo inzalo, isifazane. Uneqanda, kodwa hhayi inzalo. Kodwa u...wambeka, inzalo, niyabo, yabekwa ngokubeka kukaNkulunkulu, wathatha inzalo. NeNzalo enkulu, kusobala, kowesifazane, yaba yileyo eyanikezwa nguNkulunkulu. Niyabo, uNkulunkulu wambekela inzalo esikhundleni salowo uKayini ambulala; ukuthi, isitha, ukufa, inzalo yenyoka yabulala inzalo kaNkulunkulu, ekuphendukezeleli lapho, niyabo. UNkulunkulu wabeka, ngowesifazane, iNzalo, enguKristu, niyabo, ukubuyisa inzalo yasekuqaleni futhi. Niyakubona na? Futhi ngakho niyabona impendukezelo yaletha ukufa ngemfundu nobuhlakani, nalokho esikubiza namhlanje, ngesayense nenkolo, kanjalonjalo, kwaletsha ukufa. Kodwa yena...wambeka, inzalo, ngaleyonkathi waqala umuntu ukukhuleka eGameni leNkosi, futhi uqala ukubuyela eZwini futhi. Niyabo?

<sup>157</sup> Futhi khumbulani, landelani leyonzalo, njengoba sizolandela umkhondo wayo emavikini ambalwa, ngalenyoka. Kulandeleni lokho, kuswayekela ngqo emBhalweni. Ibhekisiseni. Leyomivini emibili ikhula ndawonye ngqo, njengoba nawuzwa uMlayezo wami ngokuthi "umvini." Ikhula ndawonye ngqo, futhi isondelane kakhulu ngangokuthi ubuyocishe impela udukise nabakhethiweyo, uma kunokwenzeka, ngezinsuku zokugcina uma usufika enhlokweni.

Uveza uhlamu njengokolo nje, kodwa akusiwo ukolo, niyabo, akusiwo. Yikhoba, nokho.

<sup>158</sup> Manje, bukani impucuko yabo, imfundu. Ngicabanga ukuthi ngiseneminye futhi imiBhalo cishe eyishumi, niyabo, ebhala we phansi lapha, angicabangi ukuba ngedlule kulokho. Kodwa siyaqonda ngalokhu, ukuthi imfundu, isayense nempucuko, kungokukaDeveli. Kunjalo. Akusikho okukaNkulunkulu. KungokukaDeveli. Manje, angisho ukuthi anifanele nibe nayo. Qhabo, impela qha. Kamuvanyana, ngingakwenza, sizokufakazisa lokho; ukuthi uNkulunkulu...

<sup>159</sup> Kufana nawe nje ugqoke izingubo, nina besifazane, thina silisa. Sasingafanele ukugqoka izingubo, ekuqaleni. Kodwa, niyabo, ngenxa yokuthi siphila kulonyaka esiphila kuwo, sifanele sigqoke izingubo, niyabo. Simiselwe ukwenza lokho. Sifanele siziqqoke. Kodwa ekuqaleni, sasingadingekile, niyabo, ngoba sasingazi-sono. Kodwa manje sifanele.

<sup>160</sup> Manje sifanele sibe nezimoto. Manje sifanele siye ezindaweni futhi sivakashe, kanjalonjalo, ngezimoto nesayense, kanjalonjalo, kodwa ayisiyo ekaNkulunkulu. Ayisiyo ekaNkulunkulu. Izimfundu, kodwa zi...

<sup>161</sup> Isimo semfundo sikaNkulunkulu, impucuko, isayense, isesimweni sasekuqaleni, niyabo, ihamba yedlule kakhulu kulokhu esikwenzayo.

<sup>162</sup> Manje bukani, bathatha izinto ezithize bese behlanganisa izinto ezithize ndawonye, futhi kwenza ikhemikhali isithako semvelo esizobhubhisa. Manje ziyeye zisendaweni yazo efanele, zilungle; zihlanganise ndawonye, zonke azilungle. Niyabo? Niyabo, kuletha ukufa.

<sup>163</sup> Futhi uma uzama ukuthatha iZwi likaNkulunkulu bese uLifaka enkolweni yalelizwe, uletha ukufa kuwe uqobo. Kubulala indikimba. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Kubulala umuntu. Wena uthi, “Awu, manje buka, ukhola nguNkulunkulu. O, manje, awudingi ukuba ukholwe *lokho*. Uma u—u—u...ibandla lethu.” Ngayo leyonkathi, leso yisikhathi sempumelelo esibulala i—esibulala indikimba.

<sup>164</sup> Ufanele udedele yonke into iwele eceleni, bese uthatha iZwi kuphela. Uhlale naleloZwi ngqo. Ungasuki. Lapho uNkulunkulu ashо njalo, kuyilokho nje. Angikhathali ukuthi imfundu ingafakazisani.

<sup>165</sup> Ngemihla kaNowa, babengafakazisa ukuthi kwakungekho-manzi phezulu lapho ezbhakabhakeni. Kodwa uNkulunkulu wathi yayizofika yehle, futhi iyafika. Kunjalo.

<sup>166</sup> Bathi namhlanje, “Akukho-mlilo phezulu lapho, ozokwehla.” Kodwa ubhekisiseni wehla, ngoluny’usuku. Ehhe. “Sizokwenza kanjani *lokhu* futhi senze *lokho* na?” Mbhekisiseni uNkulunkulu ekwenza. Uzokwenza. Wathi wawuzokwenza.

<sup>167</sup> Naley Nzalo iyobambelela ndawondawo. Uduomo kuNkulunkulu! Into kuhela Ayifunayo, namhlanje, ngumhlabathi wokukhulela, ndawondawo Engakhulela khona.

<sup>168</sup> Iyoqala ingene komuny'umuntu, futhi bayo Yiphendukezelwa, futhi baYifuthe njengoba enza kuEva. Yaqala kuEva, ukuba yena ikhulele kuye futhi azale amadodana kaNkulunkulu, hhayi amadodana kaSathane. Kodwa wayengumhlabathi wokukhulela, futhi yawela endaweni engafanele. Kanjalo neZwi liyowela kongakholwa, noma umngabazi, noma umnqikazi. Kuyokwenza ilunga lebandla ngabo, kodwa ngeke neze indodana noma indodakazi kaNkulunkulu. Ubatshela ukuba bayekele izinwele zabo zikhule; bayokwedelela. Ubatshela ukuba benze *lokhu* noma *lokho*, noma owesilisa ukuba akwenze, bayokwedelela. Akusiwo amadodana kaNkulunkulu. Ngumhlabathi wokukhulela ongafanele, nokho babambe iNzalo. Niyababona abagcotshiweyo bamanga na? Bagcotshiwe, yebo, ngoMoya oNgcwele, bakhulume ngezilimi, futhi benze izibonakaliso nezimanga; kodwa ngokukaSathane.

<sup>169</sup> UJesu wathi, “Abaningi bayakuza kiMi ngalolosuku, futhi bathi, ‘Nkosi, Nkosi, angikhiphanga yini amademoni, futhi—futhi ngasebenza imisebenzi emikhulu nemamandla nezimanga ngeGama laKho na?’” Wathi, “Sukani kiMi, nina benzi bokubi.”

<sup>170</sup> Yini okubi na? UDavide wathi, “Uma ngikhulelwé okubi enhliziyweni yami, uNkulunkulu akayikungizwa.” Niyabo?

<sup>171</sup> Okubi yinto owaziyo ukuthi ubufanele uyenze futhi awangayenza. Wazi kangcono, kodwa ungeke ukwenze. Kungokubi, niyabo. Uyazi bebefanele bahlale neZwi likaNkulunkulu, kodwa ngenxa yebandla, noma ngenxa yomuny'umuntu, noma eny'into ethize, uyoduka eZwini likaNkulunkulu futhi wenze okushiwu yinhlangano. “Awu, angazi. Ibandla lami lithi sifanele sikwenze nga *le* ndlela, futhi ngilikholwa ngalendlela.”

<sup>172</sup> Niyabo, futhi kuphambi kwakho ngqo ukuthi ubungafanele ukwenze. Lokho ngokubi. “Sukani kiMi, nina enenza okubi.”

<sup>173</sup> Bukani uPawulu oNgcwele omkhulu, kwabaseKorinte I 13, Wathi, “Noma ngikhulumu ngolimi labantu nolweziNgelosi...” Manje wena ofuna, noma omunye ofuna, ukubeka kulokho ukuthi kungubufakazi obubonakalayo bokuba noMoya oNgcwele? UPawulu wathi, “Noma ngikhulumu ngezilimi njengabantu neziNgelosi, kepha ngingenalo uthando” njengoba nonke ninakho lapha phakathi kwenu, “Angiyinto yalutho.” Niyabo?

<sup>174</sup> Ungakhulumu ngezilimi, yebo, ngoba YiZwi. Umshumayeli angathatha leliZwi, futhi aqhubeke futhi aLishumayele, futhi alisho leloZwi, naleloZwi liyomila. Kodwa umshumayeli angaba ngumzenzisi, qobo lwakhe. YiZwi. Niyabo? Kodwa isidalwa seqiniso esiphilayo sikaNkulunkulu sithatha konke okwenhlosso,

iZwi, "Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa ngamaZwi onke aphumayo." Futhi wenezela enye into ethize kuLelo, unesithombo esiphendukezelwe.

<sup>175</sup> Uma ngiqala ukuphuma lapha nokolo, futhi ngiwu-wubeke nogudluthukela, futhi ngikubhastelise ndawonye, uma bekungenziwa kanjalo ngempova, bese ngifaka phakathi lapho, nginogudluthukela owukolo. Niyabo? Kubukeka njengokolo, kepho nokho ngugndluthukela. Akusikho ukuphila kwangokoqobo, ungeke uphinde uzikhiqize futhi. Niyabo? Uyophuma, kodwa awukwazi ukubuye uziveze.

<sup>176</sup> I—i—imbongolo ingakhwelaniswa nehhashi lensikazi, futhi iyozala umnyuzi, kodwa lowomnyuzi ngeke wabuye uzale umnyuzi. Ubhastelwe.

<sup>177</sup> "Lonke izwi maliveze inhlobo yalo." Niyabo, ungazala kanye. Nebandla lingiza njengenhlango, kanye, kodwa alikwazi ukuphinda lizizale; likhipha enye inhlango. ILuthela alikwazi ukuzala kwiLuthela; lakhipha iMethodisti. NeMethodisti yakhipha iPentecostal. Niyabo, alikwazi ukuphinda lizizale, ngoba lfile. Alikwazi ukuqala imvuselelo. Wake wayiqalaphi uNkulunkulu imvuselelo enhlanganweni na? Buka ngale komlando wakho. Akazange akwenze. Yinhlango ebumbeka emva kwemvuselelo.

<sup>178</sup> Ngenkathi uLuther, indoda kaNkulunkulu, ephuma nomlayezo wokulungisiswa, emva kwakhe kufika ibandla lamaLuthela. Babengeke neze bakhe baye phezulu.

<sup>179</sup> Kwase kuthi-ke uNkulunkulu wathuma indoda egama linguJohn Wesley, nakho kufika imvuselelo emva kwalokho. Benzani na? Bayihlela, ayikwazanga ukubuye izizale futhi. Niyabo, iyinyumba.

<sup>180</sup> Haleuya! Kodwa iZwi likaNkulunkulu liyohlala njalonjalo! Kunjalo. Liyoveza inhlobo yaLo.

<sup>181</sup> Nakhu sekufika iPentecostal, angeke; bukani ukuthi yenzeni, yahlela inhlango. Ayikwazi ukubuye izizale. Bangaba no Oral Roberts nakho konke okunye, ezweni lonke, ngeke yakwenza. Iyolenga emuva ngqo ibuyele kulokho kuzalwa kwemvelo komnyuzi. Ingeke! Akunandaba ukuthi inemijovo emingaki, iselokhu; ukuthi zingaki ezokwenzana uthando zikamoya enazo, nanoma yini enakho. Nani, ningabadala, niyazi ukuthi ngikhuluma ngani. Akunandaba ukuthi mangaki indoda nabafazi enabo, nanoma yini okunye, nokuthi bangaki odade abancane ebakhayo phandle lapha, namabandla amancane nezinhlango, ingeke yazala imvuselelo. Iphelile. Iphambuke yaya ezweni, isuka eZwini likaNkulunkulu, ingeke yaphinda izizale futhi. UNkulunkulu uyovusa ethize enye into bese eqala iZwi laKhe liqhube; futhi uma ihlela inhlango, iyofa nayo! Kunjalo. Ingeke yabuye izizale, ngoba yibhastela. Lokho kungokuqinisileyo.

<sup>182</sup> Buka uhlamu lwakho olubhasteliwe namhlanje, bathi, "Lolo wuhlamvu olwedlula zonke." Lungu—lungumbulali. Luyilokho okukubulalayo. Izimpilo zenu ayenzelwanga... Imizimba yenu awenzelwanga lokho. Imizimba yenu wenzelwa inhlamu yasekuqaleni. Yingalesosizathu oyihlo nonyoko, kanjalonjalo, baphila isikhathi eside. Yingalesosizathu babeqatha. Indoda, iminyaka engashumi ayisikhombisa namashumi ayisishiyagalombili ubudala, yayimahhadlahhadla futhi iqatha. Niyabo, ayephila ngezinto zemvelo. Bhekisia lamadoda asezintabeni phandle lapha, aphila ngenyamazane idye ne-nezinhlamvu zasekuqaleni. Faka indoda lapha, edolobheni, nansi iza, iphoyisa elikhulu, elithi alibe namashumi amathathu-nanhlanu, iminyaka engamashumi amane ubudala. Lithambile? Impela! Awu, ngiyaphuma endabeni, angiphumi na?

<sup>183</sup> Qaphelani, kodwa ngizama ukukuwezela kini, leyo yimpucuko, esikubiza ngesiko-mpilo. Isiko-mpilo, nizwa kakhulu ngakho. Manje, senake nakuzwa ukulinganisela kwami ukuthi isiko-mpilo laliyini na? Yindoda engenaso isibindi esenele ukubulala unogwaja, kodwa ingawudla kugewale isisu emva kokuba usubulawe ngomunye umuntu. Ngakho, mina, yilokho engi—ngi—ngi—ngikucabanga ngesiko-mpilo, niyabo. Yilokho, kunjalo, niyabo. Asi...

<sup>184</sup> UNkulunkulu akezi nge... Akusikho ukufaka umuntu *ngesiko-mpilo* kuNkulunkulu. Awumphucuzeli kuNkulunkulu. Uyazalwa, inzalo kaNkulunkulu, evela kuNkulunkulu, kwakunguNkulunkulu njalo, futhi kungeze kwaba yilutho olunye kodwa uNkulunkulu. Awufakwa ngesiko-mpilo kuLo.

<sup>185</sup> Manje, ukuthi unalo kanjani uhlobo lwe-Edene, futhi ngenzalo ekhubazekile! USathane wenze ukulinganisa kwakhe okukhulu, iEdene lakhe elikhulu manje. Liyini na? Isiko-mpilo, isayense, amasonto amahle, imibhoshongo emide, abashumayeli abapholishwe kahle, imfundo: "DA., D., Ph. D., LL.D., uDokotela weziNewadi ezifundwayo, uDokotela wezobuNkulunkulu, oDokotela!" Njalo uma umemezelu lokho, kuvele nje kumthathe kumqhelise kakhulu kangako kuNkulunkulu, nje kumphosa ayothi ngqu kude. Namabandla awamfuni umuntu oma lapho futhi asebenzise amagama athi "shaya, hain't, nothutha, nophatha, nolanda." Awakufuni lokho. Afuna enye into ethize enhle.

<sup>186</sup> Leye yinto efanayo uKayini ayenayo engqondweni yakhe, ubaba wabo, ekuqaleni, wanikela ngezimbali nezithelo zezwe. Kanti, uNkulunkulu wayefuna umhlatshele, indoda enesambulo sikaNkulunkulu! Kwakuyigazi; hhayi ipheya, noma impentshisa, noma iplamu, kumbe noma ngabe kwakuyini, noma iaprikoti, njengoba besho manje. Kwakuyigazi elasikhipha ensimini yase-Edene, i—igazi elehliswe isithunzi, owesifazane

owavumela inzalo yomuntu ongafanele itshalwe esizalweni bese ikuqala.

<sup>187</sup> Manje siyathola, ukufakazisa ukuthi uMlayezo ungesikhathi esifanele nje, engikhuluma ngakho kini, ukukufakazisa, bukani ngezinsuku zokubhastela namhlanje, bezama ukwenza uhlobo oluhle kakhudlwana. Bukani ukubhastela. Bukani impilo yesithombo. Lapha ngehlobo eledlule...

<sup>188</sup> Bekuyilelihlobo, bekuyilo, benjinembali endadlana yasendle; ubengikhombisa yona phandle lapho emizuzwini embalwa edlule, ifika engqondweni yami. Imbalu encane yasendle enganginayo embhedeni wezimbali laphaya, ngangidinge ka ngiyinisele leyonto kibili ngosuku, ukuyigcina iphilile. Kwakuyibhastela. Kodwa yasukela kwenye imbali ephuzi encane, eyahlanganiswa ndawonye nenye into, ukwenza lembali.

<sup>189</sup> Nalowomfo omncane wama phandle lapho, kanti, ubungagubha amafidi ayishumi emhlabathini futhi ungatholi ngisho umswakama owenele ukuba uwuphimise. Niyabo, yayi—yayi—yayiphila othulini nje, futhi nje yayiyinhle kabi nje, futhi yayingadingi ukuba iniselwe. Yayingeyasekuqaleni. Yayingabhasteliwe. Kwakungekho-lutho oluxutshwe nayo, kwakuyimbali yangokoqobo.

<sup>190</sup> Nalena kwakuyinto exutshwe nayo, ufanele uyinisele futhi uyitotose, futhi uyiphathise okwengane. Niyabo? *Lena* awuzange; akukho zilwanyakazana ezangena kuyo. Sifanele siyifuthe, nakho konke okunye, ukuzigcina; nezimpukane nezimbuzane nezinto, uzisuse kanjalo. Uma ungazi futhi, kuyozibulala.

Awudingi, imbuзane ibengesondele kuyo!

<sup>191</sup> O, lowo owangempela, wangoqobo, umKristu ozelwe ngokusha. Ubungamlinga nganoma yini oyifunayo. Usalokhu engumKristu. Mlinge owesifazane noma ngabe ufunu ukuba kuphi, usalokhu engumKristu.

<sup>192</sup> Inenekazi elincane kwabanye babazalwane lapha, abanye babantu benu, ibandla labo langibhalela incwadi ngoluny'usuku. Lathi, "Ubabayi akafuni ngiye kwibheysbholi... noma emdlalweni webhasketbholi, Mfowethu Branham. Sikholwa..." Lathi, lalineminyaka eyishumi nambili ubudala, lathi, "Mfowethu Branham, sikholwa ukuthi uneZwi leNkosi, kulokho ositshela khona manje." Lathi, "Kuthi angicabange ukuthi ubabayi unephutha. Kodwa," lathi, "okushoyo, ngizokukholwa." Manje, leyontombazane encane enhle, niyabo.

<sup>193</sup> Ngakho ngacabanga. "Awu," ngathi, "s'thandwa, buka uma ungumKristu, ungumKristu noma kuphi. Akunandaba ukuthi ukuphi, usalokhu ungumKristu. Kodwa," ngathi, "uyabo,

enkundleni yebhasketbholi, ubabayi acabanga ngakho, uzwa lezozinganyana zithuka futhi ziqhubeke kanjalo. Ngisakholwa ukuthi ubungalokhu ungumKristu. Kodwa, uyabo, ubabayi useqhubekele phambili kakhulu empilweni kunoma unjalo wena. Uyabo?” Manje, ngathi, “Manje wena uneminyaka eyishumi nambili ubudala, futhi uthe ubunodade omncane, onemine. Manje ufunu ukuba usike onodoli bamaphepha. ‘O, qhubeka, anginaso isikhathi sokusika onodoli bamaphepha.’ Uyabo, usuqhubekele phambili kakhulu kunodade omncane.”

<sup>194</sup> Manje yilapho ibandla ebelifanele libe khona namhlanje, liqhubekele phambili kakhulu eZwini likaNkulunkulu. Hhayi iMethodisti, iBaptisti, amaPentecostal, iPresbyterian; kodwa liqhubekele eZwini, liye emadodaneni namadodakazi kaNkulunkulu. Mm! Kulungile. Kulungile. UMLayezo ungesikhathi esifanele, wafakazelwa.

<sup>195</sup> Ngesayense, ngesayense yakhe nocwaningo, niyabo, bazame ukuphendukezelu yonke into, benza imbewu ehlukile, benza into ethize ehlukile, beyenza ibenhlle ngokuthe xaxa.

<sup>196</sup> Bukani odadewethu. Ngiphawulile esikhashaneni esedlule, ngokuthi babukeka bebahle kanjani. O, ungahle ubamise phandle lapha emqhudelwaneni wezwe nabanye bakaloGloria Swanson, noma abanye balababadansi abahhundula izingubo nezinto ngapha eCalifornia, futhi bangakugeja ngamamayela ayizigidi. Kodwa igama labo alikho kuleyoncwadi yodumo; liseNcwadini yokuPhila, niyabo. Ehhe. “Umoya omnene nothobile uyigugu elikhulu kuNkulunkulu.” NeBhayibheli lasho nga—ngabesifazane bakithi ukuba “bahlobe ngomoya omnene nothobileyo, nithobela amadoda enu, nangobumnandi.” Yilokho okuyintengo enkulu ebusweni bukaNkulunkulu. Niyabo? Kunjalo.

<sup>197</sup> Hhayi konke lokhu lapha, yilokho abakwenzile; bona, uMax Factor, wenze babebahle abesifazane, ngaphandle, okungokukaSathane. Yonke leyonto ngekaDeveli. Benikwazi lokho na? Impela. NgokukaDeveli.

<sup>198</sup> Manje ngiyakhumbula umkami omncane ngenkathi esemuhle futhi emusha, wayengapendi ubuso. Qhabo. Uyenysuka, ngambhaphathiza eGameni likaJesu, ngenkathi esenezingubo ezifika emadolweni *kanjalo*, niyabo. Kodwa manje usegugile, wathi, “Senginemimbibi kakhulu nje.”

<sup>199</sup> Ngathi, “Uyazi, njengoba uya ngokuguga, amehlo ami eya ngokufiphala. Ngikukhumbula ngendlela owawuyiyo, futhi ngiyakhumbula futhi ngiyazi enhliziwayeni yami ukuthi uzoba yini ngoluny’usuku. Uyabo? Uyabo? Uyabo, unomoya onokuthula nomnandi onawo, uNkulunkulu uyosihlanganisa futhi ngaleya. Yilokho-ke, khona-ke asisophinde siguquke ngaleyonkathi.” Ngakho kungani...

<sup>200</sup> Kodwa, niyabo, emihleni kaNowa, ngenkathi amadodana kaNkulunkulu ebona amadodakazi omuntu, ayemahle, azithathela abesifazane, babe abafazi. Niyabo, amadodana kaNkulunkulu abona ukuthi amadodakazi omuntu, ngoba ayekhanukisa futhi—futhi egqoka kanjalo. Wona, akhanukela abesifazane, futhi awalandela, niyabo.

<sup>201</sup> Ngiyabonga ukuthi nina madodana kaNkulunkulu nibona ngaphambili le kwalokho, niyabo, ukuthi abesifazane bazenza kanjani. Niyabo?

<sup>202</sup> Kodwa kuyini na? Kuhle konke. Ngukubhastela. Thatha abanye babo, ubageze ubuso babo, ba... ubungeke wazi ukuthi ubunani. Niyabo? Futhi kunjalo. Mhlawumbe ulaka olwenele ukulwa nesaha eliyindilinga, no—nokucasuka, ne—nesimilo esibi, nokungcola, futhi behla benyuka nenyе indoda.

<sup>203</sup> Angikhathali ukuthini, umkami, ngi—ngiyakuuhlonipha ukwethembeka kunoma yimuphi owesifazane. Ngenkathi ngisengumfanyana, njalo ngangisho, “Uma owesifazane oyinigro wayefuna ukwethembeka, bengingachitha iconsi lokugcina legazi lami ukumgcina engaleyondlela.” Niyabo, ngiyakuuhlonipha lokho okulungileyo, into elungileyo. Ngizamile ukuphila ngalokho, yonke impilo yami. Ngangisemusha ngaleyonkathi, manje sengimdala, angikayiguqli nakancu imibono yami. Niyabo?

<sup>204</sup> Isayense, ephethinini efanayo uEva enza ngayo, naye ukwenze ebandleni, wamphendukezelu. Uqhube amasu akhe namhlanje, ngebandla lakhe elihasteliwe, iEdene lakhe lesimodeni esinalo namhlanje. Siphila e-Edeni lesayense, iEdene likaSathane, iEdene lesayense.

<sup>205</sup> Uma nifuna ukukuphenya, kuIsaya 14:12. Ngizonicaphunela khona, uma nifuna uku, uma nifuna, 12 nele 14.

... uSathane washo kuye uqobo, *Ngiyakuziphakamisa phezu koPhezu konke.*

Wayezoba nombuso, ngangokuthi kuyothi ngisho namadodana kaNkulunkulu amkhonze.

<sup>206</sup> Futhi yilokho impela nje akwenzile. Ukwenzile ngebandla, inkolo, njengoba aqala ekuqaleni, inkolo. Ukwenzile.

<sup>207</sup> Futhi njengoba umprofethi uPawulu ekubonile, kwabaseThesalonika II isahluko 2, ukuthi u—uphethela e E—... elakhe, iEdene elikhulu lesayense ngalolusuku, kokwesayense, emfundweni nempucuko. Futhi wenzile, qobo lwakhe, futhi ekugcineni kuyophethela emkhandlwini wenkolo yobukristu, lapho onke amabandla eyomkhothamela. Futhi niyabona ukuthi kuyini na? Yilowomoya wokweduka usebenza phakathi kwabantu; amadodana kaNkulunkulu, abenziwe ngomfanekiso kaNkulunkulu; namadodakazi omuntu, eyenziwe ngomfanekiso womuntu; ubathathe phansi kwamanga, njengoba enza kuEva.

Futhi ubumbe, qobo lwakhe, ngamaqhinga akhe uqobo esayense nemfundu nesiko-mpilo, useze wazitholela elesimodeni, lesayense, iEdene lokufa.

<sup>208</sup> Lapho, uNkulunkulu, ngeZwi laKhe, wakhuluma khona, futhi Wayene-Edene lingenakufa; kungekho-sayense, kungekho-mfundu njengoba sinayo namhlanje, noma kungekho-mpucuko.

<sup>209</sup> Niyakubona manje, niyakuqonda na? Niyabo, manje usene-Edene lakhe. Bukan, onke amabandla ayamkhonza. Yilokho-ke, kwabaseThesalonika II lapha, Wathi.

...lowomuntu ozibiza ngoNkulunkulu, ehlezi  
*ethempelini likaNkulunkulu, ...*

*Nabo bonke...emhlabeni bayakukhothama phansi  
futhi bakhuleke kuso, abamagama abo engalotshwanga  
encwadini yokuphila yeWundlu...ngaphambi  
kokusekelwa komhlaba.*

<sup>210</sup> Niyabo, yiEdene lesimodeni. Manje wenzani, qobo lwakhe na? Unyakaza yena uqobo, iRoma, ukudla kwakhe okukhulu kokugcina, indawo yase-Edene.

<sup>211</sup> Niyabona ukuthi kukuphi lowophapha eza khona ngapha ngolunye usuku na? Nike naqaphela bonke labo oshumi nantathu abenzeka khona ngaleyonkathi na? Wakhuluma amazwi ayishumi nantathu, wayenabayishumi nantathu bedla isidlo, wakhuluma eYankee Stadiyamu, okuyishumi nantathu. Yonke into yayiyishumi nantathu.

<sup>212</sup> Nenombolo yesizwe sakithi yishumi nantathu, siqhamuka esahlukweni 13 seSambulo; imishwe eyishumi nantathu, izinkanyezi eziyishumi nantathu, imigoqo eyishumi nantathu, izinombolo eziyishumi nantathu ezinhlamvini zemali, izinkanyezi eziyishumi nantathu ohlamvini lwemali, yonke into yishumi nantathu, nowesifazane.

<sup>213</sup> Nakhu kufika uphapha, inhloko, kowesifazane; umphikikristu wamanga kumlobokazi wamanga, wesayense. Okungukuthi, izwe lethu, izwe lakithi laseMelika lasempumalanga lapha, noma iZwe laseNtshonalanga, lihole izwe, kwisayense. Uza kulo, ebandleni lakhe lesayense, futhi manje onke amaProtestane liyamkhothamela, niyabo, eshumini nantathu. Niyakubona na? Yonke into iseshumini nantathu. Sonke isizwe sakithi, yonke enye into, yishumi nantathu, izwe lowesifazane. Niyabo, silapha, sinalo. Liphenduke langena ezweni lowesifazane ensimini yase-Edene, kodwa lizoba yizwe likaNkulunkulu ngeling'yilanga. Qaphelani manje.

Manje, futhi, lababaprofethi nezinto ukusho kungakenzeki.

<sup>214</sup> Futhi manje konke futhi sekufike njengoba kwakunjalo ngaphambi kokuba uNkulunkulu ahambe phezu komhlaba, sekube yinxushunxushu yokomoya. Impela, sekube yiyo.

<sup>215</sup> Lapha qaphelani iEdene lesibili lifanekiswe ngokusondele kwelokujala, ukukhohlisa, cishe impela ukuthatha abaKhethiweyo. Qaphelani manje, lokho. Ngizogqathana lapha, imizuzu embalwa nje. Manje ngizodingeka ngime, ngoba sekungeleshumi nanye nqo, futhi ngakho lalelani. Lama Edene amabili, ukuthi izame kanjani le-Edene ukufanekisa, njengoba nje uSathane enza ekuqaleni, kuEva e-Edene langempela, iEdene lokuqala. Abhekisiseni nje, efanekiswe ndawonye manje. Niyabo, sinalo, manje wonke umuntu uqonda kahle, iEdene lesayense esiphila kulo. Niyabo? Manje, kwakungesilo iEdene likaNkulunkulu.

<sup>216</sup> IEdene likaNkulunkulu alifiki ngesayense, imfundo, isiko-mpilo. Lifika ngeZwi, niyabo, libiza zonke lezizinto ngokungathi zazingekho. Futhi qaphelani, ensimini yase-Edene... Asiqaqhathanise nje kancane. Manje qaphelani.

<sup>217</sup> Indoda nomkayo, bacasha ensimini yase-Edene, ababili babechamba-ze futhi bengakwazi. Kunjalo na? E-Edene likaNkulunkulu, ababili babechamba-ze futhi bengakwazi.

<sup>218</sup> Manje bahamba-ze futhi futhi abakwazi, iSambulo 3, uNyaka weBandla laseLawodikeya.

*Ngokuba u...ngohamba-ze, owokuhawukelwa, ompofu, olusizi, ophuphuthekile, futhi awukwazi.*

<sup>219</sup> Manje, e-Edene likaNkulunkulu, babechamba-ze futhi bengakwazi. Futhi manje e-Edene likaSathane, makube ngesayense nemfundo, bahamba-ze futhi futhi abakwazi. Impendukezel enje pho!

<sup>220</sup> Bukani namhlanje. Bukani indoda, izama ukugqoka izingubo zomfazi wayo zangaphansi: naye uzama ukugqoka izingubo zayo. Futhi izama ukuyeka izinwele zayo zikhule njengezakhe; futhi yena ugunda ezakhe njengezayo. O, o, o, he! Owesilisa ezama ukuba ngabesifazane, abesifazane bezama ukuba ngowesilisa, impendukezel!

<sup>221</sup> Leyo yinto efanayo ibandla eliyenzayo, into efanayo, uNyaka weBandla laseLawodikeya. Qaphelani.

<sup>222</sup> Isizathu sokuthi babengazi ukuthi babechamba-ze, ekuqaleni, kwakukhona uMoya oNgewe ubamboze ngeveli ebunqunwini. Babengakwazi. UMoya oNgewe wawuphezu kwamehlo abo, ababonanga lutho kuphela umfowabobo nodadewabo, niyabo. Imithetho, babengazi ukuthi babechamba-ze. UMoya oNgewe!

<sup>223</sup> Manje umoya wokungabi nabungcwele, ukungahlanzeki nenkanuko, ubamboze ngeveli; imfundo, isayense, "Ngani, ngokwesayense. Gqoka izikhindi, kolpholapholile." AmaNdiya anifundisa kangcono kunalokho. Asonga ngengubo, ukuba athole isishayisamoya, niyabo, bese eyembatha. Niyabo, imfundo ibuyele ngqo esikhathini, yona impela into abacabanga

ukuthi ibalethe esikweni-mpilo nempucuko, kubabeke babuyela ekungazini futhi, baba babi ukwedlula ababeyikho endaweni yokuqala.

<sup>224</sup> Uku funda esikoleni, imfundo, bukani izikole! Bukani ezansi lapha eyunivesithi, ngobunye ubusuku, labobafana! Zingaki izingane ezelwa yilezozintombi lapho, kulezozintombi unyaka ngamunye eyunivesithi! Uyacabanga! Uthi, “Lena yimfucumfucu yasemgwaqeni.” Nalabobafana, lawo “magugu anamashumi amabili-nanye,” bawabiza kanjalo, epende imilomo, ne-nezinwele eziyisiphomoliya, bese bezisonga ngefaskamu bese zilenga. Bayakusho lokho. Nentamo engcolile, amanyala! Wena uthi, “Awu, leyo yimfucumfucu yasemgwaqeni.” Yiyo na? Yizitshudeni zaseyunivesithi.

<sup>225</sup> Zangena kokukhulu ukudakwa, ngobunye ubusuku. Futhi zazingazi ukuthi zizokwenzenjani, futhi ngakho, ukuba nomfutho. Nokuphuza nokuphingga, nakho konke kanjalo, kwakungenele kuzo. Zaphihliza amabhodlela, futhi zagijima zenyukela emnyango wabesifazane, zase zingqongqotha emnyango; ziya fika, zibashaya ngesibhakela ebusweni. Zasika iso lenye intombazane laphuma lonke, nenqwaba yawo yonakala impilo yawo yonke. Ucabanga ukuthi bangakudedela lokho kuphume? Qhabo.

<sup>226</sup> Ababili babafana begibebe behla benyuka ngomgwaqo, nabesifazane abasebancane abashadile behlezi e-ezitebhisi, futhi babathuka abesifazane. Amaphoyisa abacosha ayesebafaka ejele. Inhloko yesifundo yehlela lapho. Futhi yonke into iyahluma kuleyoyunivesithi, yileyomisebenzi kuphela abayo lapho. Wathi, “Lezo yizingane zami. Zidede.” Bazidedela.

<sup>227</sup> Nakho lapho okhona; impucuko, imfundo, iholela ekufeni nasenxushunxushwini, nesihogo. Ningayilaleli leyonto. Qaphelani manje.

<sup>228</sup> UEva wathi nje ukulunguza kancane, ukubona ukuthi izwe lalibukeka kanjani. Niyazi, inqwaba yezikhathi, “Sifanele nje sigqoke okuncanyana kwa lokhu.” Noma, niyazi ukuthi ngichaza ukuthini, nje athi ukuthatha okuncanyana kokulunguza, ukubona. Manje kuJohane oNgc. noma . . .

<sup>229</sup> UJohane wokuQala 2:15, uNkulunkulu wathi, “Uma nithanda izwe noma ngisho uthando lwezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho nakini.” Izinto ephandle lapho zifile. Usokiwe, wanqunywa kuyo. Awuzifuni izinto zezwe, ufile kuzo. Zifile. Awufuni lutho olufile. Kubolile. Kuyanuka. Ingakwenza kanjani into ephilayo ukuba ifune into engcolile kanjalo na? Niyabo, uyaphila kuKristu. IZwi likwenza uphile.

<sup>230</sup> He, uma ngicabanga ngakho ngosuku esiphila kulo, oluthiwa yimfundo! Awukwazi ngisho nokungena epulpiti ngaphandle uma uneZiqu zobjuDokotela, kanjalonjalo.

<sup>231</sup> Kungikhumbuza ngomfundisi wasemasosheni, ngesinye isikhathi, ephuma embuthweni. Wathi—wathi, “Mfowethu Branham, kwakusemva nje kweMpi yokuQala yoMhlaba.” Wathi, umfundisi wasemasosheni wathi, “Usayitsheni uyafika wayesethi, ‘Mfundisi wasemasosheni, uyafuna ukugibela uphume uye ekhaleni lempi kanye nami, phandle eArgonne,’” phandle lapho eLa Salle, eLorraine, eFransi, uyazi. Wayesethi, “Ngaphuma ngaya ngaseHlathini iArgonne.” Wayesethi, “Wayethatha isibalo esingaka sezinqola zempi ezazikade ziqhunyisiwe.”

<sup>232</sup> Wayesethi, “KwakungePhasika ekuseni.” Wathi, “Ngangisanda kuqeda nje... Ngahamba ngedlula nenesi, futhi lalinika labobafana abalimele, intebi yaseMelika, uyazi, le owaseMelika ayeyejwayele. Labobafana bayidumela leyontebi, futhi nje bedazuluka futhi behala, ngoba babazi ukuthi ivela ekhaya.” Niyabo, yayivela ekhaya.

<sup>233</sup> Futhi yileyondlela engicabanga ukuthi senza ngayo iZwi, niyabo, siLidumele, “O Nkulunkulu!” Livela eKhaya, niyabo.

<sup>234</sup> Wathi, “Ngawabona, ehleka amahlaya. Phezulu enhliziyweni yami...” Wathi, “Ngaphumela lapho ngase ngithi... No—nokapteni waqhube ka waphuma ukuba athathie isibalo sokuthi zingaki izinqola zempi ezazibhujisiwe, nezinto ezingalo.” Wathi, “UMoya oNgewelesi wathi, ‘Welela kuleliyadwala elincane.’” Wayeseqalaza. Wathi, “Baphosa leyogesi yesinaphi nekhlorayini futhi,” wathi, “nje yashisa onke amaqabunga asuka ezihlahleni. Kwakungekho-nto ephilayo eyayisele, futhi lapha kwakuyiPhasika!” Wathi, “IPhasika elinje pho! IPhasika elinje pho, lapho kungekho ngisho utshani emhlabathini, kungekho-lutho!” Futhi wathi Into ethize yamhehela edwaleni. Walidonsa idwala waliphendula, wathi, “Kwakukhona imbali encane yePhasika phansi kwalo, yayikade igcinwe phansi kwedwala, kuyoyonke igesi kaphoyizeni.” Wayesethi, “Ngacabanga, ‘O Nkulunkulu, ngigcine ngaphansi kweDwala lemiNyaka, kuze kuthi konke okwalophoyizeni kwedlule, futhi mangiqhakaze kuleloZwe ngaleyi.’”

<sup>235</sup> Besingama khona lapha, uma nifisa, ngoba nginginokuningi kakhulu lapha. Ngeke ngize ngifinyelele kukho, empeleni, niyabo, okwezinto. Ngakho mhlawumbe ngingabuya bese nginginika khona.

<sup>236</sup> O, ngangisanda kuqeda nje ukushumayela ngoluny’usuku, “IHLuzo leNdoda eCabangayo,” nonke nikufundile Lokho, niyabo, “kuveza ukunambitha kwendoda engcwele.” Cabangani, bazalwane. Noma yini eniyenzayo, cabangani! Kwabase-Efesu 5:26, phakathi lapho kwasho.

<sup>237</sup> Futhi sasikhulumile, sakhuluma ngegama elithi *okumiselwe ngaphambili*, niyabo, lokho kukhubekisa abaningi kakhulu babo. YiZwi likaNkulunkulu. Yena, Uyalisebenzisa, “ngokuba

sikumiselwe ngaphambili ngeZwi likaNkulunkulu.” Futhi ku, kulokho si...Uma umiselwe ngaphambili, ngani, kuzofanele kwenzeké, ngoba kuyilokho. UNkulunkulu, uNkulunkulu wakhetha wena ngoba Wayazi ukuthi uyokwenzani kusukela ekuqaleni.

<sup>238</sup> Futhi ningamvumeli uDeveli anifuthe ngemfundo nophoyizeni, nento engengaleyo, “Ufanele ube yisimodeni. Ufanele ube yi *lokhu*.” Anifanele nibe yilutho kodwa amadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Futhi uma nizalwa yiZwi, niyakwenza. Qaphelani lesosifutho. Uma uthatha imbewu, imbewu enhle, bese uayayifutha, kuyo—kuyoyibulala. Futhi uma befutha lento yehlelo phezulu okhakhayini lwenu, kuyokona ukuthonya kweZwi lasekuqaleni. Uma bekutshela, “Uzofanele wenze *lokhu*. Ngani, amanye amantombazane ayakwenza. Amanye amadoda ayakwenza.” Ningakukholwa lokho. Kuyokona ukuthonya kukaNkulunkulu kweZwi laKhe phezu kwenu. Niyawazi lokho.

<sup>239</sup> Indikimba yethu ithi, “Ningalingisi,” nifuthwe, “kodwa niguqulwe isimo,” imbewu ekini.

<sup>240</sup> Abantu banamhlanje baziphatha sengathi abakholwa ngisho nokuthi ukhona uNkulunkulu. Benikwazi lokho na? Baziphatha kanjalo. Manje, angifuni ukubabiza ngeziwula, kodwa baziphathisa okwaso. Isizathu, amaHubo 14:1 kuthi, “Isiwula sithe enhliziweni yaso, “Akekho uNkulunkulu.” Awufanele ubize umuntu ngesiwula. Kodwa impela baziphatha sengathi bayizo, ngoba aba...Baziphatha sengathi akekho uNkulunkulu. LeliZwi lishaywa indiva nje.

<sup>241</sup> Bukani, lapha ngoluny’usuku, bangibizela ngale ekamelweni ukuba ngizobuka...uBilly Paul, ngiyakholwa, noma abanye babo, babethe kwakukhona u—uhlelo lwezenkolo kwitelevishini.

<sup>242</sup> Asinayo itelevishini. Ingeke ize ibekhona neyodwa ekhaya lami, neze. Kodwa kwakukhona i...Niyawafuna, kukini. Kodwa uNkulunkulu wangitshela ukuba ngingakwensi.

<sup>243</sup> Futhi ngenkathi siyongena lapho, ngangiqashe kubo kalodade omdala onomoya omuhle enhla lapho, wayenetlevishini ngoba babefanele babenayo ukuba baqashe indlu yakhe. Futhi ngabavumela babuke uhlelo lwezenkolo, ngakho ba—bangibiza base bethi kwakukhona ukuculwa kweVangeli okwakukhona.

<sup>244</sup> Futhi ukhuluma ngesigejane soRickie, enhla lapho benza njengoba babenza bezibiza ngabaculi beVangeli! Kwakuyichilo kuJesu Kristu, ukubona indlela ababeqhuba ngayo, bezibinya, na—nalokhu ukugundwa kwezinwele isiRickey nakho konke, niyazi. Nje, kwakubukeka nje—nje—kwakubukeka nje sengathi kwakuyimbuquo!

<sup>245</sup> UKayini wayengumuntu onjalo, enenkolo ngempela, impela. Kodwa wayenenzalo engafanele kuye, niyabo, futhi ngakho yazala inzalo yenyoka. USathane wayeswebeze phezu kwalenzalo yase-Edene, futhi yilokho okwazala uKayini. Wabeka uphoyizeni wakhe phezu kwayo.

<sup>246</sup> Yena, uKayini, wayeyazi intando ephelele kaNkulunkulu. Wayeyazi intando ephelele kaNkulunkulu. UKayini wayeyazi. Ngani na? Kodwa, wala ukukwenza, wafakazisa-ke ukuthi uyinzalo yenyoka. Ngenkathi ebone intando ephelele kaNkulunkulu, wayala. Wayembonile uNkulunkulu eqinisekisa umlayezo ka-Abela. Wayazi ukuthi leyo kwakuyintando kaNkulunkulu. Niyabo? Wayembonile uNkulunkulu eqinisekisa umlayezo ka-Abela. Futhi wathini uNkulunkulu kuye na? Futhi nje Wa, Wathi, “Yenza okufanayo, khonza njengomfowenu, futhi—futhi uzokwenza kahle.” Kodwa u...Wayebone intando ephelele kaNkulunkulu, kodwa wayengayifuni. Niyabo, wayefuna ukwenezela into ethize kuyo.

<sup>247</sup> Nalaba osiyazi bezenkolo bayalibona leliBhayibheli, bayaLifunda, kodwa abafuni ukuLenza. Niyabo? Kukhombisa inzalo yenyoka. BaLibonile liqinisekiswa, futhi kalula kakhulu phambi kwabantu, kodwa kubonakala sengathi kul’khuni kakhulu kubantu ukuba bazithobe eZwini likaNkulunkulu.

<sup>248</sup> Anitholi yini nonke, uma nikhuluma, nina besifazane, kumantombazane, ngokuyeka izinwele zibe zinde, futhi athi, “Kungani nibe nezinwele ezinde na?” Niyabo? “Kungani nigqoke iziketi zenu ziyyosha phansi, zibe zinde na?” Hamba ukhulume nawo, avele angakunaki. Akunjalo na? Niyabo, bayazi ukuthi kunjalo, uma kukhona—uma bukhona ubunenekazi kuwo. Niyabo? Ayazi ukuthi kulungile. Kodwa, niyabo, awakwazi ukuzithoba kuLokho. Niyabo, yilokho-ke.

<sup>249</sup> Niyabona ukuthi uKayini wenzani na? Akakwazanga ukuzithoba eZwini likaNkulunkulu eliqinisekisiwe. Akakwazanga ukukwenza.

<sup>250</sup> O, ngisho namaPentecostal athi, “Udumo kuNkulunkulu! Haleluya! Ngigunda izinwele zami, futhi ngikhulume ngezilimi!” Ha! Lokho kukhombisa khona lapho ukuthi kukhona okungalungile, niyabo, inzalo iveza okuthize okwehlukile.

<sup>251</sup> INzalo ingeke. INzalo kaNkulunkulu ingeke yaveza owesifazane ophungule izinwele. Ingeke yakwenza. Nje ngeke yakwenza, ngoba iBhayibheli lasho njalo. Niyabo, Ingeke yakwenza. Qhabo, mnumzane.

Manje kubonakala kul’khuni kakhulu ukuthoba eZwini likaNkulunkulu.

<sup>252</sup> Kuqapheleni kuGenesisi 4:6 nele 7, nje ukufunda omunye umBhalo lapha. “Yenza njengoba kwenze uAbela.” Wathi,

“Uma u—uyabona ukuthi umfowenu . . .” Wathi, “Qhubeka futhi wenze okwenziwe nguAbela, yenza uhlobo olufanayo lwenkonzo alwenzayo, futhi—futhi Ngizokubusisa. Uma ungalwenzi, isono sihlezi ngasemnyango.” Manje, *isono* nguku “ngakholwa.” “Uma ungenzi njengoba kwenze uAbela! Ubonile Ngimqinisekisile, futhi ngamenza waba kahle. Manje uma ungakwenzi lokho, khona-ke kukhombisa ukuthi—ukuthi isono, ukungakholwa, kuhlezi ngasemnyango.” Niyabo?

<sup>253</sup> Futhi namhlanje bayabona ukuthi uNkulunkulu uqinisekisani. Bayabona ukuthi uNkulunkulu wenzani. Bayazibona zonke lezizinto zenzeka. Bayazi ngakho. UNkulunkulu ukhombisa izibonakaliso zaKhe ezulwini phezulu nasemhlabeni phansi, nazo zonke lezizinto kanjalo, futhi bayabona ukuthi kwenzekani. Kodwa bangeke bakwenze. Niyabo, uSathane, inzalo yenyoka; ismati, iphuma emakholiji, ifunde yagogoda, lonke izwi, yonke into, ima epulpiti ngokuyikho impela nje, nalolonke izwi lizofanele libe ngeliyilo impela, ukubhalwa nokukhulunywa kolimi kufanele kube kahle, nayoyonke into leyo. Niyabo? Impela, abakwazi ukuzithoba bazehlise, umfo onjalo. Niyabo, abakwazi nje ukukwenza. Abanjalo. Abakwazi nje ukukwenza.

<sup>254</sup> Manje, “Uma kungenjalo, isono sihlezi emnyango; ukungakholwa kuhlezi,” bese-ke eba ngongalaleli ngamabomu. “Futhi uma ukwazi ukwenza okulungileyo, futhi ungakwenzi, kuwena kuyisono,” uma wazi ukuthi yikuphi okufanele futhi ungakwenzi. Niyabo? Khona-ke uba ngongalaleli ngamabomu emva kokuba iZwi seliqinisekisiwe, khona-ke weqa umugqa ohlukanisayo, khona-ke waxoshwa e-Edene ngenkathi eqa. Kukhona umugqa ukuya lapho ohamba khona ibanga elingaka, futhi, uma uzobuye uqhubeke uwelele kwelinye icala, uphumile. Uyakwazi lokho, awukwazi na? Nanko umugqa. Uma ungakukholwa, funda amaHeberu 10:26. Lowo ngumBhalo ebengikhomba kuwo, niyabo.

*Ngokuba uma sona ngamabomu emva kokuba...  
samukele ukwazi kweqiniso, akusekho umnikelo  
ngesono,*

<sup>255</sup> Lelo yiTestamente eLisha. Ngabe kunjalo na? “Uma sona ngamabomu emva kokuba samukele uKwazi okushunyayelwe kini, nafundelwa khona, kwafakaziswa kini; emva kokubona ukwazi kweQiniso, bese niyaqhubeke futhi ningakholwa, ngamabomu, akusekho umnikelo ngesono.”

*Kepha kuphela ukulindela okwesabekayo...kuwo  
umlilo oshisayo, ozakuqedo iphikankani.*

<sup>256</sup> Kunjalo na? Ungaweqa lowomugqa. Njengoba abantwana bakwaIsrayeli benza ohambweni lwabo, beza ukudabula ehlane, ulsrayeli wenza okufanayo. Emva kokuba bezwe umlayezo kaMose futhi bawubona uqinisekiswa; balalela

umprofethi wamanga owathi, “O, manje bukani, bantwana, sonke siyafana. Sifanele siganane phakathi komunye nomunye, futhi sifanele senze *lokhu*.” NoMose wayebatshele okwehlukile, futhi wambona uNkulunkulu ekuqinisekisa. Ngoba, uBalami wabonakala eyindoda enokufundisa kakhulu kunoma wayenjalo uMose, niyabo. Wayevele esizweni esikhulu lapho okwakukhona abantu abakhulu, futhi bonke babehlelwé bandawonye, izwe lakwaMowabi, imibutho emikhulu, nezinto ezinkulu abantu ngalezozinsuku ababeyozesaba. Futhi nakhu kuza umprofethi ehla, umprofethi, ogcotshiweyo, ogcotshwe ngokwamanga, niyabo, uza wehlela kogcotshiweyo (bukani ukuthi kusondelene kanjani), futhi wafundisa abantu, futhi abaningi babo balandela lokho. Ningalokothi nikukhohlwe lokho. Niyabo, balandela izinto eyayingesilo iZwi, iZwi elifakazelwe laqinisekiswa!

<sup>257</sup> Ningavumeli-muntu angene lapha bese enitshela into ehlukile. Bhekisisani ukuthi uNkulunkulu uqinisekisanu futhi ufakazisani.

<sup>258</sup> Manje ukuba labobantu babuka emuva, base bethi, “UMose! UNkulunkulu wabonakala ezibhakabhakeni. Nendoda yakhulumu kwabakhona, amazeze, izimpukane, amaxoxo; yakususa akwangabibikho, amathumba nezifo. Yavula uLwandle oluBomvu, futhi sifika... Futhi yasondla ngemana ivela ezulwini. O, lowo ngumprofethi wethu!”

<sup>259</sup> Kodwa nakhu kuza omunye umprofethi ehla, “Udumo kuNkulunkulu! Ngingumprofethi, nami.” Uthi, “Manje, nina nonke, ngizonitshela. Manje, manje niyaqonda, ngisebenzisa ukukhulunywa nokubhalwa kolimi kangcono kunoMose. Futhi ngyi lendlela naleyandlela, niyabo,” kanjalonjalo.

<sup>260</sup> Nento yokuqala niyazi, bathatheka kukho. Futhi bonke babhubha khona ehlane. Akukho namunye wabo owaphilayo. Abazange baphile. Ngeke babekhona eZulwini, akukho namunye wabo. UJesu washo.

<sup>261</sup> Bathi, “Obaba bethu badla imana ehlane!” Niyabo, iPentecostal, injalo, niyabo, babedlule khona ngempela kuzo zonke izehlakalo. “Nobaba bethu badla imana ehlane!”

<sup>262</sup> Wathi, “Futhi ba, bonke, bafile.” *Ukufa* ngukwe “Hlukana. Phakade.” Abasophinde bavuke, nakuba babekade bekuzo zonke lezizehlakalo. Ngokukhulumu ngokufanekisela, babekhulume ngezilimi, futhi basina eMoyeni, nakho konke.

<sup>263</sup> Kodwa uma sekufika kwelamanqamu phakathi kweZwi phakathi kwabaprofethi ababili, omunye wabo eseZwini, nomunye esukile eZwini; bobabili, abaprofethi. Niyaqonda na? Thanini, “Amen.” [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Oyedwa eseZwini, nomunye esukile eZwini; bobabili, abaprofethi, befakazelwe ukuthi bangabaprofethi. Kodwa omunye wayekanye neZwi, niyabo. Abagcotshwe ngokwamanga ngezinsuku zokugcina, niyabo. Oyedwa...abaprofethi,

bobabili, abaprofethi, oyedwa useZwini noyedwa (oyedwa) waqinisekiswa yiZwi, nomunye akaqinisekiswanga yiZwi. UKayini noAbela futhi. Niyababona ababili, owamanga—owamanga noweqiniso na? Kulungile.

<sup>264</sup> Kodwa bonke babola ehlane, futhi babhubha. Imiphefumulo yabo ifile, futhi ayisekho. Futhi babekhona impela endleleni yezinyawo yomsebenzi, beya ebandleni nazo impela izinto uNkulunkulu ayebagcobele ukuba bazenze, kodwa bavuma umshumayeli wamanga, owayengaquinisekisiwe yiZwi, ukuba afakazeleke ukuthi uqinisisile. Nokho, wayenguDokotela wezobuNkulunkulu, nanoma yini enye ofuna ukuyibiza mayelana nomprofethi wangempela, kodwa ongafakazelekanga ngokomoya ngeZwi nangezibonakaliso zikaNkulunkulu. Futhi babhubha ehlane; abalungile, abahlonishwayo, abantu benkolo, bafa, futhi abasoze babe seZulwini.

<sup>265</sup> Niyabona ukuthi sifanele sihambe kuphi na? Niyaqonda na? [Ibandla lithi, “Yebo.”—Umhl.] Ningakuvumeli kuphunyuke.

<sup>266</sup> Kuyafana nasezikathini iZwi-nzalo likaNowa lakha inguquko yesimo entantayo isuka emhlabeni iye esibhakabhakeni. Kwezwakala kungukuhlanya kubantu, ukuba nenkolo-ze encane njengoba uNowa wayenayo. Futhi wabatshela, wathi, “ISHO KANJE INKOSI. UNkulunkulu ukhulumile, futhi kukhona imvula ezayo.”

<sup>267</sup> Isayense, nabafundile nabanenko balolosuku, bathi, “Ake nimbheke lowowaka omdala. Usegugile, ingqondo yakhe iyaphunyuka.”

<sup>268</sup> Niyabo, kodwa wayeqinisile, ngoba wayengumprofethi oqinisekisiwe. Kwase kuthi-ke, esikhathini sokuphela, umlayezo wakhe waqinisekiswa ngokweqiniso. Wayengenzani na? Waguqla isimo ukusuka emhlabeni kuya eNkazimulweni, ngomkhumbi, weZwi ayelishumayela. Laguqlwa isimo.

<sup>269</sup> Isifutho sesayense sababolisela bonke abanye ekwahlulelweni. Babolela phezu kwamanzi okwahlulela, kukazamcolo.

<sup>270</sup> Abantu abazama ukukwenza namhlanje, kulonyaka omkhulu wesayense yemfundo, ibandla lase-Edene, libuyiselwe futhi e-Edene lalo, isimo sesayense, esikhundleni seZwi na? Ngabe niphakamisa iZwi likaNkulunkulu na? Ngabe abantu bazama ukuphakamisa iZwi likaNkulunkulu, noma bazama ukuziphakamisa bona na? Yikhona kuphi, ngiyamangala? Ibandla.

<sup>271</sup> Inzalo yakhe ekhubazekile, uhlelo lokwazi, lubangele sonke isintu futhi, ngokwesayense, ukuba ngokwesayense bangazi ngeZwi likaNkulunkulu. Ngokwesayense ukungazi ngeZwi likaNkulunkulu! Lowo ngumthamo omkhulu, akusiwo na? Kodwa, banjalo.

Uthi, “Ngeke kwabanjalo”?

<sup>272</sup> Kwakungenkathi uJesu efika. Usuku uJesu afika ngalo, lawo—lawo indoda ayalazi iZwi likaNkulunkulu, ngegama nje. Babengenjalo na? Impela. Kodwa babengazi ukuthi WayenguBani, ngenkathi bebone uNkulunkulu esemaphikwени ejuba, ekwenza futhi enza khona impela nje Ayethe Uyokwenza. Futhi Wenze khona nje iZwi elakusho. “Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa.” Kodwa Wenza nje njengoba iZwi lathi Uyokwenza. Futhi babeyindoda yesayense ngalezozinsuku, kodwa ngokwesayense bengazi, ukona ngamabomu.

<sup>273</sup> Inkanuko yayiphuphuthekisile. Badinga iZwi likaNkulunkulu ukumkhombisa, ukukhombisa ubuze bakhe. ESambulweni 3, kwathi, “Ngiyakweluleka ukuba uthenge kiMi umuthi wokugcoba, ukuze amehlo akho avuleke, ukuze ubone ubuze bakho.”

<sup>274</sup> Umuthi wokugcoba yiZwi likaNkulunkulu, ukuphiliswa kwamehlo okukuletha kukususa ezintweni zemvelo zezwe, futhi kukuguqule isimo, ngamandla kaNkulunkulu, ungene eBukhoneni baKhe. Bese uyabona! Wena uthi, “Ngangilahlekile, manje sengitholiwe. Ngangiyimpumputhe, kodwa manje sengiyabona.” Niyabo, kungehluka.

<sup>275</sup> Kuyilokho ukubiza kwebandla namhlanje, ngukuthi, “Ngiyakweluleka ukuba uze uthenge kiMi umuthi wokugcoba wamehlo akho, ukuze ugcotshwe ngomuthi waMi wokugcoba, khona-ke uzobona.”

<sup>276</sup> UMoya oNgewele ake uze phezu kwanoma yimuphi umuntu onento ethize ngempela phansi lapho! Ukuphilisa kuvela ngaphakathi. Lokho kuphilisa makuvele kuMoya okuwe. Uma kunguMoya wangokoqobo ugcoba iNzalo yangokoqobo, Ingenze lutho kephalukhala indodana noma indodakazi kaNkulunkulu. Kodwa uMoya wangokoqobo ungeza phezu kwe—kwembewu kagudluthukela, imvula ingana phezu kukagudluthukela, futhi iyowenza uphile nje ngokufanayo lapho Wehlela phezu kukakolo futhi uwenze uphile. “Kodwa nibazi ngezithelo zabo.” Niyabo? Futhi siyisihlahla sezithelo, sikaNkulunkulu, sithela iZwi laKhe.

<sup>277</sup> UJesu wathi, “Umuntu makazidele, futhi aNgilandele. Makadele imfundu yakhe, adele ukwazi kwakhe, adele iziqu zakhe; athabathe isiphambano sakhe futhi aNgilandele.”

<sup>278</sup> Abantu sebelahlekile yimicabango ejwayelekile yokuhlonipha. Ngigijima imiBhalo emincane phansi lapha, nje okwe...Bengizozinika cishe imizuzu emihlanu kukho, eyishumi, niyabo. Abantu balahlekile ngukuhlonipha okwejwayelekile phakathi komunye nomunye. A—abanjengoba babevamise ukuba njalo. Owesilisa osekhlulile, wabafowethu nami, lapha, uyazi, nabesifazane. Abantu abasaziphathi

njengoba babevame ukwenza. Sebelahlekelwe ukuqonda okujwayelekile. U—u—ukusebenza kwengqondo—kwengqondo okubenayo phezu kwabantu balolusuku lwesayense yesimodeni esiphila kulo, kubangele abantu ukuba balahlekelwe yingqondo yemvelo. Abakwazi ukukhathalela omunye umuntu, owesifazane, njengodade nomfowethu. Kuyinto ethize engcolile. Bathi nje banga . . .

<sup>279</sup> Nabesifazane sebezigqokisa ngokungenasimilo kakhulu, ukuba baphume babe phakathi kwabantu. Futhi bathi, “Ngingowesifazane olungileyo.” Awu, uzenekela ukwenzani lapho kanjalo na? Uphuphuthekisiwe. Awu, uma—uma okwakho . . . Uma omunye walaba odade lapha, aba—abasebancane ngeminyaka, uma umama wakho noma umama wami wayehambe waphumela emgwaqeni, indlela omunye walaba besifazane, babeyomfaka esikhungweni sezinhlanya; wayengenayo ngisho ingqondo eyenele ukwazi ukugqoka izingubo zakhe. Awu, uma kwakungubuhlanya ngalesosikhathi, kungubuhlanya manje. Kuseyilokhu kuwuholbo olufanayo lowesifazane. Niyabo? Kodwa balahlekelwe yikho konke ukuhlonipha kwabo, konke ukuqonda kwabo. Balahlekelwe ngokwabo. Nangokuqonda kwasimodeni, ngesiko-mpilo nemfundu, “Kunempilo, ukuba yikho.” Kunesono futhi kungukufa! Qaphelani. Banjalo, o, hhayi njengoba babevamise ukuba yikho. Ngenkathi i . . .

<sup>280</sup> Futhi qaphelani empilweni yebandla. Kwakuvamise ukuthi, empilweni yebandla, kudala, ngenkathi umprofethi wayenento ethize ayezoyisho, ISHO KANJE INKOSI, abantu babenyakaza. Babehlala naKho ngqo. Babenyakaza. Kodwa manje, “Angimthandi lowomfo. Mkhipheni ngevoti.” He! Niyabo? Ehhe. Niyabo, abasenakho ukuqonda. Abantu abasaqhutshwa nje nguMoya kaNkulunkulu.

<sup>281</sup> IZwi likaNkulunkulu linguMoya waKhe, neZwi laKhe liza kumprofethi waKhe. NeZwi lifanele ukukuguqula isimo usuka kulokho izinto zezwe eziyikho, ungene emfanekisweni wamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. NeZwi lingafika kuphela ngalababaprofethi, njengoba babekhuluma. Futhi kwakufanele kuqhathaniswe neZwi, futhi kukhombise ukuthi kwakuyiZwi. Bese-ke uma ulivuma leloZwi, Liyokuguqula isimo; usuka ekubeni yindodana kaNkulunkulu, noma indodakazi . . . noma, usuka ekubeni yindodana yezwe, indodakazi yezwe, ube yindodana nendodakazi kaNkulunkulu.

<sup>282</sup> Zibuke phakathi lapha. Bangaki oke waba nalesosehlakalo na? Sonke. Sibe naso lesosehlakalo. Ngoba, Lakhulunywa, Lakholwa, neZwi lavela lase liwela embhedeni wembewu wenhlizyo, futhi lapho Lamila liphuma kuwo. Niyabo?

<sup>283</sup> Uziguqula isimo wena, uMoya waKhe oNgcwele uguqula isimo imbewu-Zwi ibe sekufaneni naYe. Njengokuthi uma

isihlahla samapheya siveza ipheya, nesihlahla sama apula iapula, izinto ezifana nalokho; iZwi laKhe liyoveza amadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Yilokho elifanele likwenze.

<sup>284</sup> Ngoluny'usuku ngenkathi izwe lihlezi ebumnyameni nenxushunxushu futhi, uMoya kaNkulunkulu wawuhamba phezu ko, embewini eyayimiselwe ngaphambili. Imbewu eyayimiselwe ngaphambili, emiselwe ngaphambili, yaguqulwa isimo. Kwathatha uIsaya 9:6.

<sup>285</sup> Manje, lowomprofethi emi lapho, i—indoda eyayithonye izizwe kanje, abantu. Abantu benkolo bosuku lwayo bamkholwa; hhayi bonke, abazange bakwenze. Kodwa, lomprofethi, babeyibonile leyondoda ikhulumu izinto futhi kwakuyikho impela. Eyayikusho kwakuphelele, futhi kuyafezeka. Futhi, lapha, lendoda izofanele ime phambi kwabantu bayo, futhi ithi, "Intombi iyokhulelwa," o, ngaphandle kokucabanga. Kodwa, niyabo, uNkulunkulu akakukhulumanga, Yena uqobo, Ukukhuluma ngabaprofethi baKhe. Manje, kwakungekho lutho olulotshwe eBhayibhelini ngalokho, kodwa lomprofethi wasukuma, wathi, "Intombi iyo..." KuIsaya 9:6, "Sizalelwu uMntwana, siphwi iNdodana; iGama laYo liyakuthiwa 'uMluleki, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu onaMandla, uYise ongunaPhakade." Manje uma "intombi iyakukhulelwa," leloZwi lakhulunywa, elaliyimbewana yokuphila, umbhede wawufanele ubelapho ukulemukelela kuwo, ngoluny'usuku. Wafunisisa emazweni, wayengekho. Wadabula amazwe, wayengekho.

<sup>286</sup> Futhi eduze nje kweminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili kamuva, leyombewu emiselwe ngaphambili yawuthola umbhede, futhi iza izokhula.

<sup>287</sup> Njengoba nje uNkulunkulu enza ekuqaleni, "Makubekhona ukukhanya," futhi mhlawumbe eminyakeni engamakhulu ayisishiyagalombili kamuva kuvela ukukhanya. "Makubekhona isihlahla," sivela kanjalo futhi, yonke into Ayisho.

<sup>288</sup> Nansi imbewu emiselwe ngaphambili iveza uEmanuweli, "UNkulunkulu unathi." "Futhi abeZizwe bayakufuna kuYe," naLowo esiMfunayo namhlanje, uJesu. Niyabo, imbewu emiselwe ngaphambili!

<sup>289</sup> USathane wazama ukuyifutha, njengoba enza uEva. Wazama ukuyifutha, kodwa wehluleka. Ngokuxosha kwaKhe phezu kwa *lapha*, Wayeyimbewu emiselwe ngaphambili. BabengenakuMfaka, ukuMenza abe ngumFarisi noma umSadusi. BabengenakuMenza abe ngowanoma yiypifi inhlangano. WayengelikaNkulunkulu elimiselwe ngaphambili, iZwi elikhulunyiwe. USathane wayengenakuphosa ukungakholwa kwakhe phezu kwaKhe. Wayenokuxosha kuYe.

Nkulunkulu, sifuthe ngokuxoshayo, ngumkhuleko wami. Kunjalo.

<sup>290</sup> Khona-ke uMoya wahamba phezu kwaKhe futhi waMthumela eKalvari, ukuya esiphambanweni, ukuletha ukuKhanya kulolusuku, nokuKhanya kuzo zonke izimbewu ezimiselwe ngaphambili eBandleni lalolusuku, eguqula isimo amadodana namadodakazi kaNkulunkulu, abe seBukhoneni baKhe.

<sup>291</sup> Ungakhubeki egameni elithi “ukumiselwa ngaphambili” Ngedlulile kulokho, niyabo. Ngifuna ukunikhombisa, kwabase-Efesu 1:5.

<sup>292</sup> Niyabo, njengoba wawunjalo nje, bukani, njengoba wawunjalo nje kuyihlo, njengoba ngasho ngobunye ubusuku, njengoba wawunjalo nje kuyihlo ekuqaleni. Uma wawungekho, ubungeke ube lapha. Kodwa, uyabo, yayifanele iye emhlabathini wokukhulela, ukuze kuveze wena. Futhi manje wena uyindodana yaKhe, uyindodakazi yaKhe. Niyabo, yimbewu. Beso kuthi-ke uma uke...

<sup>293</sup> Uma ungumKristu manje, imbewu emiselwe ngaphambili yangokoqobo, wawukuNkulunkulu ngaphambi kokuba kubekhona i...WawukuNkulunkulu njalo. Imbewana yokuphila kwakho, eyinxenye engehlukaniseki kaNkulunkulu, okwakungumcabango waKhe.

<sup>294</sup> Uthi, isibonelo nje, lelinenekazi elincane elihle *lapha*, niyabo. UNkulunkulu wathi, “Ngosuku kuyobakhona intombazane, igama layo liyoba ngu *S'bani-bani*. Iyoba yi *lokhu, kanje, nakanje*,” futhi uyazi ngisho nakulo lelihora, “iyohlala futhi ilalele uMlayezo, igqoke ingubo ebomvu.” Niyabo, lowo kwakungumcabango waKhe. Noma ngabe ngubani umyeni wakho, noma ngabe ungubani; futhi Wayezokuhlanganisa lokhu ndawonye, futhi wawuzohlala lapha ku—kuleli—kulelidolobha ngalolusuku. Kwakungebebikho-ndlela kuwe ukuba wehluleke kukho, niyabo, ngoba uyakhula. Inqobo nje uma uyimbewu ngaphakathi, ukhula, ufanele uveze khona impela imbewu eyathi uyokwenza. Kunjalo impela. YiZwi laKhe. Uyaligcina iZwi laKhe. UyaLiqaphela.

<sup>295</sup> Wawukuyihlo, njengembewana, futhi uvela njengendodakazi; wena, wena, nonke, bafowethu nodadewethu, niyavela. Uma wawungekho kuyihlo, khona-ke ubungeke ube lapha.

<sup>296</sup> Futhi uma wawungekho kuNkulunkulu...Uma ukholwa umlayezo weBhayibheli, noMlayezo wamanje wosuku, ukuqinisekiswa kwaWo; isizathu sokuba uhlezi lapha, ngoba wamiselwa ngaphambili ukuba uhlale lapha. Ubungeke ube lapha, kungenjalo; ubuyoba semgwaqeni, mhlawumbe udakiwe, abanye benu; nabanye benu niphandle lapha futhi nizulazula nomunye umfazi womuntu; nani besifazane niphandle, niganile, futhi nizulazula neny e thize indoda yowesifazane, noma into efana naleyo. Niyabo, kodwa namiselwa ngaphambili ukuba

nibe lapha. Niyabo, akukho okunye eningakwenza. NinoBaba, UnguNkulunkulu, futhi wena wawuyimbewu.

<sup>297</sup> Futhi uma Efika endaweni, Usekutholile manje ukuya lapho... WawukuYe ngaleyonkathi, njengomcabango, manje usungumuntu osengahlanganyela naYe. Niyabo? Njengoba wawunjalo ku, wawunjalo koyihlo, ekuqaleni, kodwa manje seningamadodana namadodakazi, ukuze uhlanganye nomzali wakho. Manje sesingamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, esingahlanganyela noBaba wethu, uNkulunkulu. Niyabo, nje kuhle nje impela! Anikuthandi lokho na? [Ibandla lithi, “Yebo!”—Umhl.] Bese-ke uba ngonjengaYe. Futhi uma sasingamadodana, khona-ke niyizinxenye ezingahlukaniseki, futhi wawusesimweni saKhe ekuqaleni.

<sup>298</sup> Futhi, khumbulani, uma wawukuYe ekuqaleni; futhi ngenkathi uJesu, onguNkulunkulu, iZwi lenziwa inyama futhi lakha phakathi kwethu; khona-ke nanikuYe futhi nazimela izithuko Azithathayo. Naya eKalvari naYe, nikuYe. Nafa, nikuYe. Navuka, nikuYe. Futhi manje nihlezi ndawonye ezindaweni zaseZulwini, nikuYe. Niyabo?

<sup>299</sup> Uma ngingumMelika, ngimela lonke ihlazo layo, ngimela konke okwenkazimulo yayo. Noma ngabe yayiyini, ngiyikho. Ngiyisakhamuzi saseMelika. Ngangi... Ngehlela ePlymouth Rock. Yebo, mmumzane. Ya, ngehlela ePlymouth Rock. Ngasayina i... Ngangisehholo ngalokho kusa ngenkathi besayina isiMemezelo sokuZibus. Ngasisayina nabo. Ngiyinxenye yomnotho wayo. Ngasayina isiMemezelo noma ukuZibus. Kunjalo. NganginoWashington, eValley Forge, ngenkathi ewela umfula. Ngangilapho ngalokho kusa. Ngakhuleka naye. Nganginjalo. Naninjalo, njengomMelika. Uma unggumMelika, wawunjalo. Ngokuba, yonke into iMelika eyiyo, uyiyo. Ngakhuphula iflege—iflege eGuam. Ngabasiza ukuba benze lokho. Ngathatha sonke isikaniso. Ngathwala ihlazo layo, njengombhedukazwe. Noma ngabe yayiyini, ngiyikho.

<sup>300</sup> Futhi nanoma yikuphi uKristu ayeyikho, ngiyikho. Lokho Ayikho, ngiyikho. O Nkulunkulu! Uma Ethathwa njengohlanya, kanjalo nami ngifanele ngibe yilo. Uma Wayengu—nguBelzabule, ngemisebenzi yaKhe yoMoya waKhe, nginguye nami. Nanoma yikuphi Ayeyikho, ngiyikho. Nanoma yikuphi Ayeyikho, wena uyikho.

<sup>301</sup> Sifanele sibe ngabenzi bokungafi kwalo, inkululeko yalo noma udumo lwalo, inkazimulo yalo noma ihlazo lalo.

<sup>302</sup> Sifanele sibe yilokho. Sifanele sibe yiBandla, uMlobokazi kaJesu Kristu. Ngaphila naYe emhlabeni, ngenkathi Esaphila. Ngafa naYe ngenkathi Efa. Ngavuka naYe ngenkathi Evuka. Ngibuthene futhi nighlezi naYe manje ezindaweni zaseZulwini,

ngoba ngiyinxenyeye yaKhe. Noma ngabe Ukuphi, ngilapho. "Lapho inceku yami ekhona, nami Ngiyoba lapho."

<sup>303</sup> Manje Angahlanganyela nathi nangathi, futhi aphumuze iZwi laKhe kithi. Okungukuthi, siyinxenyeye yeZwi laKhe, thina. Futhi UyiZwi, futhi siyinxenyeye yaKhe, khona-ke siyinxenyeye yeZwi.

<sup>304</sup> Futhi ngingaphika kanjani ukuthi nginesandla na? Akunandaba ukuthi esinye isiphukuphuku besingenza kanjani, ngyiayaxolisa, isayense ethize ibingasho ukuthi—ukuthi anginasandla; nginaso isandla! Ngiyazi nginaso isandla. Ngiyasisebenzisa.

<sup>305</sup> Futhi ngyiayi ngingaphika kanjani ukuthi nginesandla na? NgiyaMuzwa emphefumulweni wami. Mina, ngyinxenyeye yaKhe. Yilokho leliZwi elikushoyo, yilokho engiyikho. Futhi uma ngiphika inxenyeye eyodwa ya *Lokhu*, lokho bekungafana nokuphika ukuthi nginesandla, indlebe, iso. Beningekwenze futhi ngyibe ngyiyilokhu ngyiyisidalwa esingumuntu, engqondweni yami ephilile; kanjalo ngingephike noma yiliphi leZwi likaNkulunkulu futhi ngisalokhu ngikokukahle kwami, uMoya kaNkulunkulu okahle. Ngifanele ngithathethe okushiwo yihlelo noma okwashiwo nguNkulunkulu ngakho. Niyabo? Ungeke wakwenza.

<sup>306</sup> Manje, "ukuguqula isimo." Angasiguqula isimo ngeZwi laKhe, ukuthi singaphumula, ngoba siyinxenyeye yaLo.

<sup>307</sup> Futhi manje kunezinto eziningi, ekukhulumeni ngokuzalwa kwami kwemvelo, ziningi izinto ekuzalweni kwami kwemvelo engingeke ngaqhosha ngazo. Ngizonitshela, anginalutho engingaqhosha ngalo. Umama wami wayeyisoni, kwase kuqaleni nje; ubaba wami wayeyisoni. Futhi bavela esigejaneni esinqumana imiqala nabalwa ngezibhamu, futhi iningi labo bafa befake amabhuzu; izidakwa nogweva, nakho konke okunye, abavela eKentucky. Umama wami, iNdiya uhhafu. Futhi a—anginalutho engingaqhosha ngalo. Ngeke ngaqhosha ngozalo lohkohko bakithi.

<sup>308</sup> Kodwa, udumo kuNkulunkulu, iyodwa into engingaqhosha ngayo, ukuZalwa kwami kwesiBili, okuvela kuJesu Kristu. Ngingaqhosha ngalowoMzali esinaye, ngokuba UnguBaba wami. UnguMsindisi wami. UnguMhlengi wami. Ngingaqhosha ngakho konke A—angenzele khona, ngoba manje sengiba yindodana yaKhe. Angisesiyo indodana kaCharles Branham, ngyiindodana kaJesu Kristu. Kunjalo. Sengingaqhosha ngokuzalwa kwami manje. Ngeke ngaqhosha ngokuzalwa kwami kokuqala, akukho lutho, nginamahloni ngalokho. Kodwa anginamahloni ngokuZalwa kwami kwesiBili. Qhabo, qhabo. Anginamahloni ngokuZalwa kwami kwesiBili. Wakwenza kanjani na? "Ngesigezo samanzi ngeZwi." Kunjalo.

<sup>309</sup> Amakholwa amiselwe ngaphambili ngokweqiniso ahlala neZwi, futhi angeke aLiphendukezele. Lingeke laphendukezelwa. O, madodana namadodakazi kaNkulunkulu, yingani singabi nayo lenhlanganyelo enkulu ebesifanele sibe nayo, nawo onke amadodana namadodakazi kaNkulunkulu na? Sifanele sibe nayo. Kodwa nje bangeke bakwenze, yilokho kuphela, ngoba abasiwo amadodana namadodakazi ngokweqiniso avela e...

<sup>310</sup> Niyabo, njengoba ngasho ngobunye ubusuku, bengizo... Benginakho lokho kubhalwe phansi lapha, kodwa anginaso isikhathi sokufinyelela kukho. Ngizokuyeka, ngiyeke manje.

<sup>311</sup> Lelo ngaphakathi elincane langaphakathi, yilapho ogala khona, okungumphefumulo wakho; bese kuphuma kulokho, ungu *moya*; bese-ke uba yisi *dalwa* esiphilayo. Manje, isi *dalwa* esiphilayo sinemizwa emihlanu, ukuxhumana; esesibili sinemizwa emihlanu. Lowo ngumzimba ongaphandle; ukubona, ukunambitha, ukuthinta, ukuhogela, nokuzwa. Umzimba ongaphakathi unothando nonembeza, kanjalonjalo, imizwa emihlanu. Kodwa ingaphakathi langaphakathi, umbhoshongo olawulayo, kuphakathi kokuthi nguNkulunkulu noma uSathane.

<sup>312</sup> Futhi ungalingisa noma yiziphi zalezizinto ongaxhumana nazo, nje—njengo—njengomKristu; noma ubungakhipa amademoni, njengomKristu. Kodwa umbhoshongo olawulayo ongaphakathi, ukuqala, okungokwasekuqaleni, akusikho okukaNkulunkulu, akusoze kwabuyela kuNkulunkulu. Niyaku qonda na? UJuda akawakhiphanga yini amademoni na? Akakwenzanga yini uKayafase, lo owaMlahla ngecalal futhi waMbulala, waze waprofetha ngisho na? Kodwa akakwazanga ukuhlala neZwi. Niyabo? Kunjalo.

<sup>313</sup> Niguqulwe isimo nisuke ebandleni nezwe, ningene ekubeni ngamadodana namadodakazi kaNkulunkulu! Qaphelani lokhu, ekuvaleni manje.

<sup>314</sup> Futhi manje kanjani amadodana kaNkulunkulu adukayo, eduka phandle lapho ezweni, amanye awo *leli* ihlelo, esuka ehlelweni eya ehlelweni, njengezinkanyezi ezidukayo, engagxili neze. Njengeqabunga emanzini entwasabusika. Sasivamise ukulibona, Leo, emuva eMpumalanga lapho. Amaqabunga ayephephukela phansi kulo, nawo wonke umoya ovunguzayo omncane wawuliphephula lisuka *ngapha* liye *ngapho*.

<sup>315</sup> Kodwa uNkulunkulu ufunu sigxile. “Sigxilise okwehange kuJesu, eziphephweni zempilo ngiyoba nesibindi. Futhi ngigxilise okwehange kuJesu, angesabi-mimoya evunguzayo noma igagasi,” niyabo, noma ngabe kuyini. Abanigi benu bayayikhumbula insimbi ekenqezayo iInch Cape, ngenkathi nisesikoleni, abafana namantombazane esikoleni.

<sup>316</sup> Umzimba ka-Abrahama noSara waguqulwa isimo, ukuhlangabezana nesimo seZwi elalithenjisiwe. Niyabo, base begugile. UAbrahama wayemukele isithembiso, noSara, ngenkathi enamashumi ayisikhombisa-nanhlanu, owesifazane wayenamashumi ayisithupha-nanhlanu, esedlule ukuya esikhathini; ehlale naye kusukela eseyintombazane, wayengudadewabo uhhafu. Futhi, ukucina lesosithembiso, yomibili imizimba yabo waguqulwa isimo, usuka ekubeni yikhehla nesalukazi, baba yinsizwa nentombi, ukuhlangabezana nesithembiso sosuku.

<sup>317</sup> Uduomo kuNkulunkulu! Lokho kungenza ngizizwe ngikahle kakhulu. Niyabo? Angikhathali ukuthi ngangiyini, angikhathali ukuthi ngiza kanjani lapha, singaguqulwa isimo ukuba sihlangabezane nesithembiso salolusuku. Uma, singahlala ndawonye ebunenyi nobumnandi bukaMoya oNgewe, futhi sihla njengabafowethu nodadwethu.

<sup>318</sup> UEnoke, wonke umzimba wakhe waguqulwa isimo, ukuhlangabezana nohlobo, kuNkulunkulu, futhi wayiswa eZulwini ngaphandle kokuba abone ngisho ukufa, uEnoke waba njalo. UElija wenze okufanayo.

<sup>319</sup> Umzimba kaJesu waguqulwa isimo usuka ekufeni, isimo esibandayo, usuyintibintibi, washaywa kwaze kwathi ukulimala kwaKhe nezimbambo zaKhe—zaKhe kwanamathele emhlane waKhe. Ne—nenhliziyo yaKhe yabbhotshozwa, ngomkhonto mhlawumbe owawubanzi *kangako*, wagwazwa kwabhabokela ngqo enhliziyweni yaKhe, neGazi namanzi kwaphuma. Ngisho nomswakamo emzimbeni waKhe, wasuka, neGazi lehla ngomkhonto, lehla nangezinyawo zaKhe, futhi la consela emhlabathini. Futhi Wayefe kakhulu kwaze kwathi inyanga nezinkanyezi kwathi Wayefile, umhlabla wathi Wayefile; waba nokuphelelwa amandla kwemizwa, a—amadwala angqangqazela asuka emhlabeni, nayo yonke into. Yonke into yathi Wayefile; ngisho noNkulunkulu wafihla ubuso baKhe. Wayefile. Kodwa umzimba waKhe waguqulwa isimo. Ngani na? Ngoba uNkulunkulu wathi, “Angiyikushiya umphefumulo waKhe ehayidese, aNgiyikuvuma ukuba ONgcwele waMi abone ukubola.” Ayikho indlela yokukwenza.

<sup>320</sup> Ngolunye lwalezizinsuku, imizimba yethu ingelulwa ebhokisini lomngewabo ikaskete. Singafika...Ungafika futhi ungibuke ngilele kwikaskete. Ngingafika futhi ngikubuke, kungenzeka ngisho amazwi okucina phezu kwakho, noma into efana naleyo. Kodwa awusoze wasigcina ethuneni. Bangabeka amadwala phezu kwakho. Bangakungewaba olwandle. Bangenza noma yini abafuna ukuyenza, kodwa aMandla kaNkulunkulu aguqula isimo...

<sup>321</sup> KwabaseThesalonika II, kwathi, “Angithandi ukuba ningabi nakwazi, bazalwane, ngabaleleyo. Ngokuba sisho lokhu kini,

nani, ngemiYalo yeNkosi, ukuthi icilongo likaNkulunkulu liyokhala, nabafileyo kuKristu bayakuvuka kuqala; thina esisekhona sisasele,” njengoba iculo lishilo kulokhu ukusa, “siyakuhlwithwa kanye nabo, sihlangabeze iNkosi emoyeni.”

<sup>322</sup> AMandla kaNkulunkulu okuguqula isimo, asisusa enxushunxushwini yesayense nemfundu, nezinto zezwe, nokuqonda kwalolusuku lwesimodeni, asiguqule isimo manje sangena ekubeni ngamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Futhi ngisho nokufa uqobo lwakho ngeke kwasibamba neze ethuneni. “Siyoguqulwa, ngesikhashanyana, ngokuphazima kweso.”

“O, uqonde ukusho njalo?”

<sup>323</sup> Ngiqonde ukusho ukuthi lelo yiQiniso! UJesu, leloZwi lama emhlabeni, elabe liyZwi, Lelo elavuswayo, futhi lavusa uLazaru. Wathi, “NgingukuVuka nokuPhila; okholwa yiMi, noma efa, nokho wophila. Nophilaphila futhi akholwe yiMi akasoze afa.” Ayikho indlela yokumisa iZwi likaNkulunkulu eliphilayo! Lifanele livuke futhi.

<sup>324</sup> Futhi ukusuka kulenxushunxushu yaleliEdene lesayense lesimodeni esiphila kulo, lesiko-mpilo ne-nesayense nemfundu, yonke lento yesimodeni, sizovuka! “Lengubo yenyma izoqathaka, futhi sivuke futhi sibambe umklomelo wangunaphakade,” suku lumbe. Siyohamba sidabule emoyeni, nalokhu kuyodlula. Ngokuba iZwi likaNkulunkulu elisikhipe sisuka ekucabangeni kwesimodeni kwengqondo yethu, liguqula isimo ingqondo yethu ekwenziweni zibeziintsha izinhliziyo zethu ngakuNkulunkulu, nemimoya yethu; lowoMoya ofanayo owakhulumalokho, usiguqule isimo kuze kube manje, kanti futhi Uyosithatha usifake eBukhoneni baKhe, singene eNkazimulweni yaKhe, sinomzimba okhazimulisiweyo.

<sup>325</sup> “Bayokwakha izindlu, bayohlala kuzo. Bayotshala izivini.” Kulo lonke ucwaningo lwethu lwesayense; sitshala ingadi, kufika amadodana ethu bese ethatha isithelo kuyo, namadodana ayo ifike bese isithatha kuyo. Futhi bayatshala, nomunye adle; futhi bayakha, nomunye ahlale. “Kodwa ziyoba zinde izinsuku zezinckezaMi, ziyoba lapho nezizukulwane zazo zinazo. Ziyokwakha, futhi akuyikuhlala omunye. Ziyotshala, futhi kungadli omunye kukho.” Ini? Yena impela uNkulunkulu, yena impela umprofethi iZwi likaNkulunkulu elathi “intombi iyokhulewa,” wasethembisa lokhu!

<sup>326</sup> Sikuthola kanjani na? Sekungashiwo ukuthi sesilapho khona manje, niyabo, ngoba uNkulunkulu washo njalo. Kuzofanele kube njalo. Ngenkathi Evusa uLazaru lapho, wathi, “Ningacabangi ukuthi lokhu kuyaxaka, ngokuba ihora liyeza lapho wonke osethuneni eyolizwa iPhimbo leNdodana yomuntu, futhi uyophuma; abanye ehlazweni, nabanye ekuPhileni.”

<sup>327</sup> Kuyini na? Ukuguqulwa isimo, ukuguqula isimo ngeZwi likaNkulunkulu, kusenza amadodana namadodakazi kaNkulunkulu, kanti uyosipha futhi ukuPhila ezweni elizayo. O, he! Yikuphi okunye futhi ebengingakusho na? Ningalaleli ezinye izinto.

Ungafisi ingcebo yalelizwe eyize,  
Ebuthuka ngokushesha kangaka,  
Yakha amathemba akho ezintweni zaPhakade,  
Azisoze zedlula.

Bambelela esandleni sikaNkulunkulu  
esingaguqukiyo! (Asilicule!)  
Bambelela esandleni sikaNkulunkulu  
esingaguqukiyo! (Nasi!)  
Yakha amathemba akho ezintweni zaPhakade,  
Bambelela esandleni sikaNkulunkulu  
esingaguqukiyo!

Nxa uhumbo lwethu seluphelile,  
Uma kuNkulunkulu besiqotho,  
Elikhazimulayo nelihle ikhaya lethu  
eNkazimulweni,  
Umphefumulo wethu owethabile uyolibona.

Bambelela esandleni sikaNkulunkulu  
esingaguqukiyo! (Guqulwa isimo!)  
Bambelela esandleni sikaNkulunkulu  
esingaguqukiyo!

Yakha amathemba akho ezintweni zaPhakade,  
Bambelela esandleni sikaNkulunkulu  
esingaguqukiyo!

<sup>328</sup> Ningayinaki isayense, ukuthi ingafakazisani, uma iphambene neZwi. Niyabo? Ningalinaki ibandla, elikushoyo, uma kuphambene neZwi.

Ngokuba sibambelela esandleni  
sikaNkulunkulu esingaguqukiyo!

<sup>329</sup> Izikhathi ziyaguquka, isayense iyaguquka. Bamba lesosandla esingenakuguquka!

Yakha amathemba akho ezintweni zaPhakade,  
Bambelela esandleni sikaNkulunkulu  
esingaguqukiyo.

<sup>330</sup> Baba Nkulunkulu, eBukhoneni baKho, njengoba sibuthana lapha kulokhu ukusa kulona, sithatha owellulekile, omude, uMlayezo odonsile, futhi, O Nkosi, ngikhulekela ukuthi Uzofaka lezoziMbewu ezinhлизيweni zalababantu. Khumbula, Nkosi, siyakhuleka, ukuthi siyintengentenge, nesakhiwo sethu siyantengantenga, futhi si...nzejinye izikhathi asazi ukuthi yiypipi indlela esimele sijikele kuyo. Nkulunkulu othandekayo, Sijkise futhi usihole ngoMoya waKho omkhulu, Nkosi.

Sisize. Ungasishiyi neze sisodwa, Baba. Wethembisa ukuthi Awuyikusishiya. “Angiyikuniyeka angiyikunishiya. Ngiyoba nani.”

<sup>331</sup> Futhi, Baba Nkulunkulu, sikhulekela ukuthi Uzohola uqondise uMfowethu Leo, noGene. Benze, Nkosi, uhlobo lwabaholi Obungathanda ukuba nalo phezu kwalababantu lapha; bengasebenzisi imicabango engeyabo, kodwa badedele uMoya oNgcwele omkhulu ubaqondise ekutheni abenzeni.

<sup>332</sup> Busisa laba besilisa nabesifazane, lababantwana abancane, njenga, Nkosi, kimi. Futhi ngi—ngi—ngikhulekela ukuthi Uzobagcina impilo ende. Makuthi, uma kungenzeka, Nkosi, masiphile ukuba sibone ukuZa kwaKhe. Sikholwa ukuthi sizokubona, ngoba sibona yonke into isondele kakhulu manje. Isondele kakhulu! Siphe khona, Baba. Sibanikela kuWe, nathi uqobo, manje, ukuba siKukhonze, eGameni likaJesu. Amen.

Ngiyaxolisa nginihlalise isikhathi eside kangako. Mfowethu Leo.



*AMANDLA OKUGUQULWA ISIMO* ZUL65-1031M  
(Power Of Transformation)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto ekuseni ngoOktoba 31, 1965, ePine Lawn Trailer Park ePrescott, eArizona, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2008 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE  
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziiselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)